# *ILambu EliBomvu EliBanibanikayo LesiBonakaliso SoKuza KwaKhe*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Asibe silokhu simile okwesikhashana nje ukuba sikhuleke, futhi sikhothamise amakhanda ethu. Baba wethu waseZulwini, kuWe sinikeza udumo ngakho konke lokho amehlo ethu akubonileyo nezindlebe zethu ezikuzwileyo. Futhi sibonga Wena, Nkosi, ngenxa yokuthi namhlanje siyazi ukuthi UnguJehova uNkulunkulu omkhulu ofanayo obeyilokhu ekhona futhi Uyohlala ukhona njalo.

2 Sibonga Wena ngoJesu Kristu Owenze kwenzeka ukuba sibuye sibuyele enhlanganyelweni yobuNkulunkulu kanye naWe futhi, ngokuchitheka kweGazi laKhe elingenacala, ukuthi nge—ngenhlawulo yaleloGazi thina manje singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Akukabonakali esiyakuba yikho ekupheleni, kodwa siyazi siyoba njengaYe, ngokuba siyakuMbona njengalokhu Enjalo. Futhi, Baba, lokho konke kusanele, inqobo nje uma sinjengaYe, simi esimweni somfanekiso waKhe.

3 Futhi manje, Baba, asifuni ukuba kulelihora silingise izinto zezwe, kodwa siguqulwe ngokwenziwa ube-musha umoya wethu, ngoMoya oNgcwele, ukuze Afike futhi athathe izimpilo zethu zibe sekunakekeleni kwaKhe uQobo, futhi asi—asihole asiqondise okwalezozinsuku ezisasisalele phezu komhlaba, futhi silenze l'khulu iGama laKhe elikhulu.

4 Sibonga Wena ngazo zonke lezizinto. Futhi nangamathemba sibheke ukusihambela kwaKho kulobubusuku njengoba sibuthene phakathi manje, futhi sikholwa ukuthi Uzohlangabezana nathi njengoba Wethembisa. EGameni likaJesu Kristu. Ameni.

Hlalani phansi.

5 Ngikholwa ngukuthi kwakunguDavide owathi, "Ngajabula lapho bethi kithi, bethi kimi, 'Masiye endlini yeNkosi.'" Futhi sithokoza kakhulu impela ukuba sibe lapha kulobubusuku, futhi sikuzwa kuyinhlanhla ukuba nalelithuba elihle uku—ukuba sibe lapha, sikhulume nani bantu.

6 Ngenza amateyipu athize. Ngakho nje ngibuka emuva phakathi endlini ukubona ukuthi abazalwane bebewathola yini amateyipu. Isi—isiyasebenza manje, amateyipu ayahamba. Kulungile. Lenhloso yalokhu, ingukuthi, ngangethembisile

ngokuthumela iMilayezo, eyofika, iqoshelwe lapha eTabernakele. Manje si . . .

7 Ngithanda ukusho okuthize mayelana nalokhu ukusa. Namhlanje, khona ntambama, njalo, ngenkathi siqeda umhlangano wasekuseni, kukhona okwenzekile ukuthi mhlawumbe abanye benu ubengekho lapha futhi akazange ezwe ngakho. Bengivala inkonzo, futhi mina ngikhuluma ngisemsamo lapha, ngiqaphele umfowethu emi phandle lapha exhawulana nabantu, ogama linguMfowethu Way, simbiza kanjalo lapha. Umkakhe ungumhlengikazi omuhle orejistiwe.

8 Futhi uMfowethu Way ungomunye wezinceku zikaNkulunkulu, futhi usebenza emsebenzini ojikelezayo, kodwa unobizo enhliziyweni yakhe, iminyaka, ensimini yomsebenzi wokuba yisithunywa senkolo. Wazizwa eholeleka ukuthi uNkulunkulu amlethe lapha futhi alinde kulesisikhundla lapha aze emukele ezinye iziyalo zokuba athuthuke ensimini. Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngikhuluma naye, futhi nginoxoxiswano oluncane naye nomkakhe.

9 Futhi namhlanje ekuseni, ngenkathi ngenza ukuvuma kwami kokuba nokuzicabangela, ngikhombe kuMfowethu Way futhi ngokuba nokuzicabangela, eqinisweni okungokuvamile phakathi kwabantu bonke, futhi e—esikhashaneni emva kwalokho, uMfowethu Way ushaywe ukuhlaselwa yinhliziyo futhi washayeka phansi wafa. Futhi ngimbonile umkakhe, futhi ngaqaphela . . . Sengike ngaba seduze kwabantu abaningi befa, futhi a—angifanele u—ukusho lokhu.

10 Ngithanda ukuqhosha ngoJesu Kristu namandla aKhe. Kodwa kulesisikhathi ngicabanga ukuthi kufanele singalokothi sizame ukuqhosha ngaYe noma ngayiphi indlela kokuthize A—A—Angakwenzanga. Kodwa ngimbonile uJesu Kristu evusa abafileyo, izikhathi eziningi, okungenasiphosiso, ukuhlola kodokotela ukufakazisa.

Isibonelo nje, eConnecticut maduze nje, emhlanganweni, kuhleziwe kwebanzi, endala . . . uhlobo oluthize lwehholo elidumile, kwakukhona uDokotela Barton, udokotela ongumKristu esemsamo nami, udokotela wezokwelapha. Futhi kwakukhona omuhle odumileyo owesifazane ongumKristu, othandekayo, wayengowesifazane ocebileyo. Wayehlezi engathi ngakwesokunxele sami. Futhi ngase ngiwubizile umugqa wabakhulekelwayo, futhi ngamqaphelisisa owesifazane kwathi nje khona manjalo . . .

11 Nxa noma ngubani, inhliziyo yabo ima . . . Ungawavala amehlo akho, kodwa nxa wethuke wafa, nxa inhliziyo yakho ima, ngempela izinhlamvu zamehlo zakho ziyakweqa, futhi ingxenye emhlophe yeso lakho iyaqhunsuka. Futhi ngakuqaphelisisa lapho ewa phansi. Futhi ngokushesha babiza udokotela wezokwelapha, futhi wagijimela kuye ukuba ezwe

ukushaya kwemithambo yakhe, futhi wanikina ikhanda lakhe, wabeka izandla zakhe phezu kwakhe, indlebe yakhe enhliziyweni yakhe. Futhi wayengasekho. Wawa phansi, nendodakazi yakhe idazuluka, okwaphazamisa umhlangano. Ngaqhubekela phambili, ngoba ngangingenazwi leNkosi mayelana nowesifazane. Futhi ngaqhubekela phambili.

12 Basho okuthize mayelana nokuthola uMfowethu Branham. Futhi bathi, "Asifuni ukumbiza emgqeni wabakhulekelwayo, ngoba ungaphansi kokwahlukanisa." Futhi bathi, "Tholani uBranham omncane," lowo kwakunguBilly. Futhi uBilly, njengokuba kwakungowesifazane esefile, akafunanga.

13 Niyazi, abantu babanokwexwaya ngomuntu osefile. Lokho, lokho yi—yikhasi nje lelo. Akukho lutho lapho. Lokho, abantu bacabanga ngokwethuka. Lokho, umuntu akekho lapho, bona uqobo; sebeqhubekele phambili. Futhi ngakho wayesaba uku—ukuzungeza owesifazane, ngoba wayesefile.

14 Kwathi-ke masinya uMoya oNgcwele wakhuluma kimi. Ngaphenduka ngisuka endaweni, ngehla ngesitebhiso, ngafika ngalapho ayekhona. Futhi kwathi nje sengiqala ukuya lapho ayekhona, uMoya oNgcwele wakhuluma kimi; ngase ngithi, "Mary!"

15 Wathi, "Yebo, Mfowethu Branham." Wayesephila saka. Futhi—futhi wayengakaze asibone ngaphambili. Futhi kwakuqala emhlanganweni.

16 Kuthe-ke eShawano maduze nje phakathi, o, ngingathi, kwedlulile, cishe, eminyakeni emine edlule, kumbe emihlanu, ngangikhuluma ngobunye ubusuku emsebenzini wokwakha izimpawu neziphandla. Futhi kwakukhona isixuku esikhulu sabantu. Nendoda esikhulakhulile elapha emashumini ayisishiyagalombili eminyaka ubudala, ngiqagele, nomkayo othandekayo, babeyiLuthela ngokwenkolo, beya kulelobandla lamaLuthela elikhulu elidumileyo lapho. Ngiyalikhohlwa igama lalo manje. Ngumbuthano wamaLuthela omkhulu ukwedlula yonke eMelika, embuthanweni owodwa vo, wobulunga bebandla. Futhi kuyizwe elikhulu kwiLuthela. Futhi ngenkathi ngisakhuluma, ngamqaphelisisa umfo, ikhanda liqethuka *kanjalo*; nezandla zakhe zenekeka, wase egebela ngaphambili, efile esihlalweni. Nomkakhe uqala ukudazuluka, futhi wadazuluka kakhulu, "Ngisizeni bo! Ngisizeni bo!"

17 Futhi ngabuka. Ngathi, "Wonke umuntu akahlale nje, athule." Niyabo? Ngalindela iNkosi ukuba inginike izwi. Futhi—futhi ngi . . . USathane . . . Ngangisalungiselela ukubizela e altare nje, futhi kungaleyonkathi nje la efuna ukuziveza khona.

18 Ngakho sewake waqaphelisisa nxa uqala ukubizela e altare, ngisho nezinganyana ziyoqala zidazuluke, nezinto ezinjalo na? Lowo nguSathane. Nina eningabakamoya niyaqonda.

19 Ngakho iNkosi yanginika igama lakhe, futhi ngambiza, futhi uphila *kanjalo* nje.

20 Nanamhlanje ekuseni ngenkathi ngiphenduka, niyabo, futhi ngibonile, izikhathi eziningi, iNkosi uJesu ibuyisa abafile. Inganyana eMexico yafa ngelesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa, futhi lokhu kwakuphakathi kweleshumi neleshumi nanye ngalobo busuku kwabuye kwaphila. Futhi—futhi lobo ngubufakazi obuqinisekileyo nobufakazi bukadokotela bakho, niyabo, ukuthi ingane yafa ehhovisi lakhe ngelesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa. Ngicabanga ukuthi kwakuyinyumoniya. Futhi ingane iyaphila namhlanje, ngokwazi kwami. Futhi lokho kwakuphambi, o, he, kwamashumi amathathu, amashumi amane ezinkulungwane zabantu.

21 Kuthe-ke namhlanje ekuseni ngimbona uMfowethu Way wethu, njengoba ehlezi, ubehlezi khona lapha manje. Kodwa esahlezi ngokulandelana khona phakathi *lapha* ndawo ndawo, ubemile. Futhi besicula, futhi, "Udumo, udumo, haleluya," futhi sixhawulana omunye nomunye. Ngimqaphelisisile kumshaya, nekhanda lakhe lagebela emuva. Yena, uMfowethu Way, akasuye umuntu ophathwa noma yini njengokuquleka kumbe ukuhamba kanjalo. Futhi, yena, ngimbonile ewa eqethuka. Futhi ngimbonile umkakhe, ongumhlengikazi orejistiwe, ehlola ukushaya kwemithambo yakhe. Futhi wadazuluka; bese kuthule.

22 Futhi—futhi-ke ngikholwa ukuthi bekunguDadewethu Nash, inenekazi lapha, udadewethu olikhaladi okhonzayo ebandleni, abanye babo baqale ukugijimela phambili. Futhi manje yena, uNkk. Way, uqhubekile efuna ukufinyelela kimi ukuba anqamule emsamo. Futhi ngithe, "Wonke umuntu akathule, hlala esihlalweni sakho." Ningalokothi nixhamazele kulezozikhathi ezinjalo. Niyabo? Yilokho uSathane afuna ukukwenza. Linda nje ubone ukuthi Ithini. Uma kungothize osemuka eya eNkazimulweni, kuhle, simele sihambe kwesinye isikhathi, ayikho indawo enhle kunasebandleni, ngakho—ngakho-ke khona impela endlini yeNkosi. Ngakho-ke . . .

Kodwa indoda ibibheka emuva. Ngicabange ukuthi mhlawumbe ngabe kukhona, ibiqulekile kumbe kukhona obekwenzeke kuyo, ngaleyondlela. Kodwa ngenkathi ngibheka, nekhanda layo liguquke labheka *ngapha*, futhi ngibuka ngaphakathi, ingxenye engezansi yamehlo ayo, iqhunsukile. Ungeke ucimeze, ungeke ubeke amehlo akho kulesosimo; kusuke kuyinhliziyo ima eyenza lokho. Futhi ngihambe nganqamula ku *lokhu*, futhi i . . . Bekukhona omunye, umuntu onesihe, obebeke i . . . okuthize ukuba ikhanda layo licamele kukho. Futhi izinyawo zakhe bezilaphaya, izandla, nakho konke, sekuqinile. Imile. Ubuso bayo sebumnyama njengebhantshi lami, bumnyama ngokubomvu, namehlo ayo esekweqile. Futhi ngiyakwazi ukuhlaselwa yinhliziyo. Ngiyazi ukuthi

enzenjani nokuthi aguquka kanjani; noma ngubani omunye oseke wakubona. Ngakho ngibeke isandla sami phezu kokushaya kwemithambo yayo, futhi akusekho-kushaya kwemithambo kunanoma ikhona kulelideski. [UMfowethu Branham uqhwabaza ipulpiti lokhuni—Umhl.] Akukho lutho. Nangu umkakhe, umhlengikazi orijistiwe, ohlole ukushaya kwemithambo yakhe. Bekungekho kushaya kwemithambo lapho.

23 Kwathi, ngelinye ilanga ngenkathi nginoMfowethu Way ekwahlukaniseni phakathi lapha, ngabona ukuthi wayenenhliziyo eduduzelayo, noma kanjani. Ngakho-ke ngacabanga, "Yiyo le." Ngakho ngabeka izandla zami phezu kwakhe. Ngathi, "Nkulunkulu othandekayo, ngibiza, eGameni likaJesu Kristu, umphefumulo womfowethu, ukuphila kwakhe akubuye futhi." Futhi iNkosi uJehova iyazi, neBhayibheli laYo lapha phambi kwami, kwezwakala sengathi, ngenkathi ngibeka isandla sami ekushayeni kwemithambo yakhe . . . Futhi njengoba ngazi ngiyophendula ngalokhu ngoSuku lokwaHlulela uma kuba liphutha. Futhi kwezwakala sengathi ukushaya kwemithambo yakhe kushaya kane noma kahlanu, masinya, kwathi, fu, fu, fu, fu, fu; kwase kubuye kuqala kuthi, *fu*, *fu*, *fu*, *fu*.

24 Futhi ubezama ukuvula umlomo wakhe ukuba asho okuthize kimi. Futhi ezama ukuthola umlomo wakhe, futhi enkwankwaza, sengathi, ukuzama ukukusho. Futhi wawaphumisela amazwi, "Mfowethu Branham." Kwase-ke kubukeka sengathi uzobuye alale kumbe okuthize, futhi ngalinda umzuzwana nje futhi, ngahlola ukushaya kwemithambo yakhe futhi; bekushaya ngokwejwayelekile. Ngase-ke ngibuka futhi, futhi wangibuka futhi. Futhi nje, ngibonile, edidekile; ubengazi ukuthi ubekuphi, kodwa inhliziyo yakhe ishaya ngokwejwayelekile. Futhi uNkulunkulu ubese kubuyisele kuye ukuphila kwakhe futhi.

25 Ngakho ngi—ngikusho lokho ukudumisa uJesu Kristu, okunguye uNkulunkulu ofanayo, ukuthi nxa . . . Namanje ekuseni bengishumayele isikhathi eside, ngadlula kakhulu esikhathini sami, futhi ngakhathala ngadinwa. Futhi kungaba yizinto ezimbili. Kuphakathi kokuthi ukhathalile, kumbe ngenkathi ngikhuluma ngokuba nokuzicabangela, kungesikho nje uku—ukungcolisa umfowethu, njengoba besingakusho, ngoba bengi . . . Bengenza ukuvuma kwami kokuba nokuzicabangela. Futhi ngiqagele uma bengingabuza kulobubusuku, kulezizethameli zabantu, "Nibangaki phakathi lapha owaziyo ukuthi unokuzicabangela na?" ngempela zonke izandla bezingaphakama. Ukuze wazi, Mfowethu Way, ake ngikukhombise nje ukuthi kungukwehlukanisa noma qha. Nibangaki owaziyo ukuthi unokuzicabangela, phakamisa isandla sakho. Awubheke laphaya! Uyabo? Kodwa a—angazi

uma lokho-kwethuka kwami ngisho lokho kuMfowethu Way, ekuthatha sengathi bengimsola kumbe okuthize, khona-ke, ukuthi uwele kulesisimo, neNkosi uJesu yambuyisa.

26 Manje ngi—ngi. . . cabanga ukuthi uNkulunkulu ofanayo uPawulu oNgcwele omkhulu ayemmele emihleni yakhe, ukuthi ngenkathi eshumayela elula ngobunye ubusuku, nendoda yawa nokuphila kwayo kwase kumukile kuyo; futhi uPawulu, engama indoda, ngomusa kaNkulunkulu, waphendula izethameli, "Umphefumulo wayo usekhona phakathi kwayo." Ngi—ngicabanga ukuthi kuyafakazisa kithi, kumbe uma ungakaze ukubone ngaphambili, ukuthi uJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade.

27 Futhi-ke kungahle ukuba bekuyilokhu, ukuthi ngizamile ukucabanga ngakho namhlanje ntambama. Ukuthi, ngimile lapha, futhi ngenhliziyo yami yonke nganitshela iQiniso ngempela, futhi nginitshela ngokuzicabangela kwami, futhi ngenza ukuvuma kwami obala, ngoba. . . futhi nginicela ukuba nikhuleke ukuthi ingaphakathi lami liguqulwe ngakubantu, ukuthi ngenze njengoba kwenza iNkosi. Nokuqinisa ukuthi Isazongithumela ensimini, Ikuvumele lokho kwenzeke ukukhombisa ukuthi Isabaphulukisa abagulayo futhi ingabavusa abafileyo, ingabavusa abafileyo. Futhi ngicabanga ukuthi bekungengaphezu kokuqinisa kwalokho ebengishumayela ngakho, futhi bengifakaza ngoMbuso kaNkulunkulu. Futhi lokho kungokuhamba emgqeni ukuthi Ibisanda kutshela uMfowethu Roberson lapho, nomunye wabazalwane. Manje siYithandela lokho.

28 Futhi siyajabula kulobubusuku ukuthi uMfowethu Way unathi kulobubusuku. Futhi qiniso uNkulunkulu akakaqedi ngomfowethu, kungenjalo ngabe umukile namhlanje ekuseni. Kukhona okuthize kukaMfowethu Way kokuba akwenze. Futhi ngifuna wazi, Mfowethu Way, ukuthi lonke lelibandla, kanye nami uqobo, sizobe sikhuleka ukuthi uNkulunkulu uzokukhombisa icebo laKhe lempilo yakho neyomkakho; futhi, kothi nje lingenzeka, uyobekwa phakathi lapho. Ngineqiniso Izokwenza, Mfowethu Way. Futhi sonke, njengamaKristu, sizojabula ngoMfowethu Way. Ngabe kunjalo, bandla na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Futhi sizokhuleka ukuba yena noDadewethu Way bazothola indawo yabo eNkosini, ngenkonzo yabo ekuphileni.

29 Manje, futhi, bengifuna ukukhuluma noMfowethu Way. Ngifika ngaphambi kwesikhathi ukuze ngikwazi ukukhuluma naye bese ngithola nje ukuthi siyini isinyathelo sakhe, kumbe ukuthi kwenzekeni. Futhi akazi. Niyabo, kuvele kwaphuma nje, futhi uvele wawa nje wayesephela njalo. Yilokho kuphela.

UMfowethu Way ubefuna futhi wabuza ukuthi ngabe ukhona yini endlini oya ezansi eArkansas, ngolwesiBili kumbe

uma kwenzeka uhamba, uku—ukuya kulomhlangano. Manje, mhlawumbe ngu—ngumhlangano omncane kabi. Ngabazalwane bandawonye abahlanganayo. Futhi ngicabanga ukuthi usenhla ndawana-thize emenweni, kumbe into efana naleyo, enhla le. Futhi lapho mhlawumbe bangeke babebaningi kakhulu abantu, ngi—ngiqagele, emhlanganweni, ngoba, eqinisweni, abazi ngisho nokuthi ngiyeza, namanje. Niyabo? Futhi ngakho abangani bami ngokuzungeze lapho, mhlawumbe kuzoba ubusuku kumbe obubili ngaphambi kokuba bazi, ngisho nabangani bami eArkansas, abangaziyo ezansi phakathi lapho, bazoba semhlanganweni. Kodwa uma noma ngubani ohambayo, futhi abe nendawo avumele omunye agibele nabo, uMfowethu Way angakujabulela ukukwenza. Uthe akumenyezelwe ukuthi akazukuba yiwo umthwalo phezu kwabantu, ukumnakelela ngenkathi eselapho, ngoba ubengakwenza. Kodwa yena, uma ubekhona ohambayo, bekuzoba luphawu kuye ukuthi uNkulunkulu ubengakuthanda kuye, kumbe kube se—kube sentandweni kaNkulunkulu ngaye ukuba aye ezansi. Ngakho nonke niyamazi uMfowethu Way, ohlezi lapha ekhoneni. Futhi uma noma ngubani ongathanda, oya ezansi, futhi enendawo engenamuntu yomgibeli, uzokujabulela ukukwenza.

30 Bese-ke ngobusuku bangeSonto elizayo, iNkosi ithanda, ngizo—ngizobuya, kumbe ekuseni ngeSonto elizayo, njalo. Futhi—futhi uma uMfowethu Neville enoSonto sikole, futhi uma usuphelile, ngifuna ukwenza enye iteyipu uma ngingaphumelela. Futhi uma ngingaphosisi, ngicabanga ukuthi ngizobe ngikhuluma ngokuthi *Ngabe iMpilo Yakho . . . Ngabe iMpilo Yakho IliFanele iVangeli*? Lokho, okungukuthi, kumbe, *Ngabe* unkosikazi *Wakho . . . Mpilo IliFanele iVangeli?* Yilokho engiqonde ukukusho. *Ngabe iMpilo Yakho IliFanele iVangeli?* Futhi ngifuna ukwenza iteyipu ngalokho, uma iNkosi ithanda.

31 Futhi manje, kulobubusuku, ngimemezelile namhlanje ukuthi nengizokwenza iteyipu. Futhi umfundisi, angicabangi ngisho ukuthi kushunyayeliwe; uvele wangibiza ngiphume, futhi ngakho ukukhuluma lapha emsamo. Manje, bese angazi-ke . . . Manje, uma benza amateyipu, uma ubona ukuthi uyakhathala kumbe okuthize, ufisa ukuphuma, vele ungabangi nomncane umsindo, ngoba asi . . . Niyabo, le—lemibhobho iyezwela, kabi kabi, futhi icosha umsindo omncane. Futhi senza, sizama ukwenza lamateyipu enkonzo yezizwe ngezizwe.

32 Futhi kulobubusuku ngifisa ukumemezela isifundo sami njenge . . . emva kokuba ngi—ngifunde iZwi likaNkulunkulu, elitholakala eVangelini likaMathewu oNgcwele, isahluko 24. NgokweVangeli ngokukaMathewu oNgcwele, isahluko 24, futhi asiqale manje evesini 32 futhi sifunde umBhalo.

> *Fundani umfanekiso emkhiwaneni; Nxa igatsha lawo se—selithamba, lihlume amaqabunga, niyazi ukuthi ihlobo selisondele:*

*Kanjalo nani, nxa nibona konke lokhu, yazini ukuthi iseduze, ngasemnyango.*

*Ngiqinisile ngithi kini, Lesisizukulwane asiyikudlula,* kube *kungakenzeki konke lokhu.*

*Kuyakudlula* amazulu *nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula.*

*Kodwa* oko*suku no*kwe*hora akakho owazi-lutho ngalo, qha, nazingelosi zasezulwini, nguBaba kuphela.*

*Ngokuba njengasemihleni kaNowa, kuyobanjalo ukufika kweNdodana yomuntu.*

33 Manje ekufundeni kwethu, siyathola kulobubusuku, njengoba sifunda, ukuthi ingxenye yokuqala yalesisahluko ifundeka ngokuthi abafundi baMbizela ngasese phezu kwentaba, entabeni, base bethi kuYe, "Siyakuba-yini isibonakaliso sokuphela kwezwe na? Siyakuba-yini isibonakaliso soKuza kwaKho na? Futhi siyakufika nini isikhathi lapho okungayikuba-kho itshe eliyoshiywa phezu kwelinye, ethempelini na?" Manje Uyaqhubeka uyaphendula. Bukani lapha evesini 1.

*. . . uJesu ephuma, ethempelini emuka: kwasondela abafundi bakhe ukumtshengisa* isakhiwo, *zethempeli.*

*UJesu wathi kubo, Anikuboni konke lokhu na? ngiqinisile ngithi kini, Akuyikushiywa lapha itshe phezu kwetshe, elingayikudilizelwa phansi.*

Futhi umfundi wakhe . . . *Esahlezi entabeni* . . . (ngiyaxolisa) . . . *esahlezi entabeni yemiNqumo, abafundi beza kuye bebodwa, bathi, Sitshele, ukuthi lokhu kuyakuba-nini? nesibonakaliso sokuza kwakho, nesokuphela kwezwe siyakuba-yini na?*

34 Niyabo, babuza imibuzo emithathu, futhi Uphendula imibuzo emithathu. "Siyofika nini isikhathi lapho okungayikuba-kho itshe eliyoshiywa phezu kwelinye na? Siyini isibonakaliso soKuza kwaKho na? Futhi mayelana nokuphela kwezwe-ke?" Futhi abaningi, ngiyakholwa, ukuthi thina bazalwane senza amaphutha ngokuzama ukukubhekisa konke eKuzeni kwaKhe. Kodwa Uphendula imibuzo emithathu eyehlukeneyo Ayibuzwayo. "Kungani kuyobakhona isikhathi lapho okungayikuba-kho elinye lalamatshe angayikushiywa phezu kwelinye; lento iyoba nini na? Futhi siyoba yini isibonakaliso soKuza kwaKho na? Futhi kuyoba yini ekupheleni kwezwe na?" Niyabo, imibuzo emithathu eyehlukeneyo. Futhi Uyaqala uphendula owodwa, ngokuthi kunini "amatshe eyoshiywa kungekho nalinye phezu kwelinye." Bese kuthi emva kokuba Eqeda lowombuzo, bese Eqala, "isibonakaliso soKuza kwaKhe." Bese kungena ekutheni, "ukuphela kwezwe."

35 Manje siyaqaphela lapha enye yezinto engifisa ukukhuluma ngayo kulobubusuku, ingukuthi . . . *ILambu eliBomvu EliBanibanikayo LesiBonakaliso SoKuza kwaKhe*. Futhi sizohlala kulobubusuku emihleni kaNowa, "Kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Futhi manje lokhu kwangethusa ngelinye ilanga, futhi ngicabange ukuthi mhlawumbe ngizozama ukukuqopha lokhu futhi ngikhulume ngalokhu. Futhi ngibhale phansi imiBhalo eminingana lapha engizothanda ukuthathisela kuyo, mhlawumbe, futhi—futhi ngifunde, kancanyana.

36 Kodwa manje iNkosi yethu uJesu yabuzwa lombuzo, futhi Wabanikeza isibonakaliso soKuza kwaKhe. Kwase kuthi-ke masinyane Washo lokhu, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze ledlula." Wayesethi-ke, "Fundani umfanekiso emkhiwaneni. Nxa usuhluma amagatsha awo, niyazi ukuthi ihlobo seliseduze. Ngakho nxa nibona lezizinto zifezeka, kumbe sezibonakaliswa, yazini ukuthi isikhathi sesifikile. Futhi lesisizukulwane asiyikuqedwa kungakafezeki konke lokhu." Sizukulwane sini na? Isizukulwane esibona ukuhlubuka esizokhuluma ngakho kulobubusuku.

37 Ngakho uma sicabanga ngetekisi lami, njengelambu elibomvu elibanibanikayo loKuza kwaKhe, kungikhumbuza ngokulindela esiteshini sezitimela, ukuthi nxa indoda kumbe abantu bezimele nje, njengeningi lethu selike lakwenza, ngenkathi sasilindele ukubamba isitimela. Futhi singasizwa isitimela, kumbe ningasiboni, kodwa niyazi ukuthi se—sekuyisikhathi. Mhlawumbe umhambisi athi, "Se—sephuzile kancane. Asikho esikhathini nqo, kodwa asazi ukuthi nje nini, kodwa sizosheshe sifike." Futhi siyothi ukuhamba hamba esiteshini, nezandla zethu zisemaphaketheni ethu, futhi siqhwakele emasutkesini ethu, futhi siphume futhi sithenge isaka lamakinati, futhi sikhulume ku . . . omunye ngaphesheya komgwaqo. Kodwa ngokuphazima sibona kubakhona okwenzekayo. Kukhona umsindo owenzekayo laphaya emzileni. Futhi sesenze-njalo, ingalo iyehla, nelambu elibomvu liqala ukubanika. Yini leyo? Isitimela sesiyavulelwa. Noma ungeke wasizwa, noma ungeke wasibona, kodwa nokho lelolambu elibomvu elibanibanikayo naleyongalo phansi itshengisa ukuthi siyangena. Futhi-ke uma ulindele ukusuka ngalesositimela, kungcono ulahle lelosaka lamakinati phansi, uyeke ingxoxo yakho, uqukule amasutkesi akho, bese ulunga kungenjalo uzoshiywa ngemuva, ngoba sima nje khona lapha okwemizuzwana embalwa nje. Sizobe sesihambile. Uma usalokhu umile uxoxa, umakhelwane ngapheshe ya komgwaqo, wena uzoshiywa ngemuva.

38 Kukangakanani-ke, lapho, nxa sibona uphawu olubanibanikayo ukuthi Useyavulelwa! Isitimela esidala seVangeli siyedlula, maduzane nje. Futhi njengoba sifundisisa

kulobubusuku kuletekisi enkulu, uphawu olubanibanikayo, iNkosi yethu isahlezi entabeni futhi yabatshela ukuthi lezizinto ziyokwenzeka, "Njengasemihleni kaNowa, kuyakuba-njalo ukufika kweNdodana yomuntu."

39 Manje sifuna ukubuyela emuva, kancanyana, futhi sithole uma singathola noma yini kulolusuku efana nasemihleni kaNowa. Khona-ke singasho-ke ukuthi sikuphi kulolosuku iNkosi yethu eyakhuluma ngalo, sibone ukuthi singakuthola nje noma yikuphi ukufana kwemihla kaNowa. Ukuze senze lokhu, ngicabanga ukuthi sifanele sibuyele emuva eNcwadini kaGenesisi, emihleni kaNowa. Futhi uma nizophenya kanye nami, uma nithanda, emBhalweni, emuva kuGenesisi isahluko 6, futhi leyo yimihla kazamcolo, nezimilo nezimo zalolosuku, uGenesisi isahluko 6. Manje, sifuna ukufunda, sibone futhi siqhathanise lolosuku nalolusuku. Qaphelani.

> *Kwathi*, umuntu uqala *ukwanda* phezu *ebusweni bomhlaba*, . . .

40 Lona impela izwi lokuqala lisethulela ilambu elibanibanikayo ngoqobo ukuthi usuku selufikile, ngoba asikaze sibekhona isikhathi kuwo wonke umlando ukuthi bake babakhona abantu abaningi kangaka, futhi banda ngokushesha kangaka, njengoba sinabo namhlanje, sekuze kube l'khuni ukuthola indawo yokuhlala. Futhi abantu abaningi kangaka banda phezu komhlaba, isayense ize isho, ukuthi, "Uma kuqhubeka nokwanda njengoba kade kunjalo, eminyakeni engamashumi amabili ngeke kusabakhona ngisho nokudla emhlabeni kwabantu." I*Reader's Digest*, ngikholwa ukuthi kwakuyiyo, eyacaphuna lokho, ukuthi, "Ngeke kusabakhona ngisho ukudla kwabantu abanda ngokushesha kangaka."

41 Singabuka macala onke futhi sibone ukuthi izindawo ezazivamise ukuba yihlane sekuphenduke kwaba yidolobha, kepha nokho ukukhawulisa ukuzala kusekudlondlobaleni okukhulu ukwedlula konke okwake kwaba yikho. Ngikholwa ukuthi kwashiwo ngeChicago . . . Ngethemba ukuthi angizicaphuni ngokungesikho lezizibalo. Kodwa izehlo eziqoshwe phansi zangempela, izehlo eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu zokukhipha izisu njalo ezinsukwini ezingamashumi ayisithupha, eChicago. Izehlo zokukhipha izisu njalo ezinsukwini ezingamashumi ayisithupha, eziqoshwe phansi! Kanjani-ke ngalezo ezingazange zaqoshwa phansi? Niyabo, edolobheni elikhulu elilodwa nje elinenani labantu abayizigidi ezine! Izwe-ke? Kepha nokho inani labantu liminyene kakhulu ngangokuba kungukuthi abakwazi ngisho ukunakelela i . . .

42 IIndiya, bazama ukuba ngama . . . ukwenza kuphazamiseke ingxenye yobuntu bowesilisa, futhi babenze bangazalisi, ukuba abantwana bangazalwa, ngoba ba—basekwandeni kanjalo.

Izigidi ezingamakhulu amane namashumi ayisikhombisa, ngalesisikhathi, e Indiya.

43 Injani-ke iShayina, lapho ukwanda kukukhulu ngokuthe xaxa, iRashiya namaningi amazwe ezwe na? "Kwathi umuntu uqala ukwanda phezu kobuso bomhlaba." Niyabo? Manje sithatha emuva esikhathini sangaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi.

> *. . . bazala amadodakazi,*
>
> *Amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi* omuntu *ukuthi mahle; azithathela abafazi . . . onke awathandayo.*
>
> *Yayisithi iNKOSI, Umoya wami awuyikubusa njalo kumuntu, njengokuba eyinyama nje: izinsuku zakhe ziyakuba yi—yiminyaka eyikhulu namashumi amabili.*
>
> Futhi *ngalezozinsuku kwakukhona iziqhwaga ezweni; nangasemuva* kwabo *futhi . . . amadodana kaNkulunkulu engena kuwo amadodakazi* omuntu, *awazalela abantwana*, futhi *labo baba* umuntu *abanamandla basendulo, . . . dumileyo.*

44 O, i—isifundo esinje pho esinaso lapha! Niyabo? Manje, enye yezinto zokuqala engifuna niyiqaphelisise, ukuthi a—amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi omuntu, ukuthi mahle. Manje angi . . . Ngibhekisa lokhu ezweni lonke. Kodwa asikaze sibebikho isikhathi emhlabeni, njengoba ngingacabanga, kuphela yilesosikhathi, lapho okwake kwabakhona obungaka u—ubuhle obuqede nya phakathi kwabesifazane.

45 Futhi ningakhumbula, abanye benu besifazane enibadala, futhi abanye benu bantu, ndoda, abangakhumbula emuva eminyakeni eyedlula, ukuthi kwakuyivelakancane kanjani ukuba uthole owesifazane obukekayo. Kodwa namhlanje awusatholi lutho kodwa sekungukubukeka. Yingoba sebefike endaweni yakho konke lokhu ukuphungula izinwele zabo, nokupenda ubuso, na—nazozonke izinhlobo zezingubo ezikhanukisayo nezinto. Bangaziveza ngendlela enjalo. Futhi-ke kungukuthi, enye into, isandla sesikhathi sesibubuyisele emuva, ngokomBhalo. Futhi abesifazane ngezikhathi zonke bayanda ngokuba babukeke.

46 Ngisakhumbula ngenkathi ngisengumfanyana esikoleni, futhi ngiphenduka ngibuke abantwana abancane namhlanje, amantombazanyana akhulayo. Futhi ngiyabuka, ngicabanga ngabesifazane ngesikhathi ngiseyinsizwa, futhi ngibuke amantombazane namhlanje. Ngiyakhumbula kubakhona intombazane eyodwa ithandwa ngabantu, futhi lokho akukevi eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu eyedlulayo, intombazane eyodwa ithandwa ngabantu, intombazane ebukekayo, futhi ibukeka cishe wonke umfana efuna ukuhamba

nalentombazane, ngoba yayingunobuhle we—weqembu. Mhlawumbe edolobheni lonke, kwakubakhona ababili kumbe abathathu balabo besifazane. Manje yonke into isiyabukeka, bonke. Lokho kungukugcwalisa umBhalo, nelambu elibomvu libanibanika ukuthi isikhathi sesifikile.

47 Sebeqambe izinto ezinjengokupenda umlomo no—nokupenda ubuso, ukuze owesifazane ongemuhle kangako, usengakwazi ukuzenza abukeke nge—konke okokuthuthukisa ubuso nezi—izinto abazenzayo ukuzenza babukeke.

48 UMax Factor ugijima ubusuku nemini, futhi iningi echithelwa ezimonyweni, eMelika, ngonyaka, eyokuba kwenziwe abesifazane babukeke, kunaleyo echithwa esitolo sokudla. Kunjalo. Ngiyakhohlwa ukuthi amadola ayizigidi zezigidi ezingaki unyaka ngamunye kuchithelwa izimonyo, ukwenza-bahle abesifazane bakithi.

49 Manje, angisho lutho oluphambene nalokho, nginitshengisa nje ukuthi kungukubanika kwelambu elibomvu ukuthi isikhathi sesifikile. Ngokuba uJesu wathi, qobo lwaKhe, "Njengasemihleni kaNowa, kuyakuba-njalo ukufika kweNdodana yomuntu." Niyabo, into efanayo.

50 Futhi qaphelani, "Kwathi abantu baqala ukwanda, abantu abaningi. Amadodakazi omuntu yinhle; namadodana kaNkulunkulu awabuka, azithathela abafazi." Manje, leso akusiso isisho okungesami. Ngikufunda kuphuma eBhayibhelini, lapho uJesu asho mayelana nathi ukuba sibuyele emuva kuGenesisi futhi siqhathanise lemihla ndawonye. Ukwanda kwabantu, nobuhle babesifazane, manje leso yisibonakaliso esikhulu.

51 Manje isexwayiso, isexwayiso sikaJehova, ivesi 3.

*Yayisithi iNKOSI*, . . .

52 Masinya emva kwalokhu kwenzekile . . . Khumbulani, uMoya oNgcwele waloba iBhayibheli, noJesu wanikwa amandla ngokugcwala kukaMoya oNgcwele. Futhi Wakhuluma kuphela ngoMoya oNgcwele. NemiBhalo ilotshwa nguMoya oNgcwele. Futhi Yena Lowo owaloba uGenesisi 6, wasitshela kuMathewu 24, ukuba sazi nxa isikhathi sasesiseduze, ukuba sibuyele emuva kuGenesisi 6 futhi sikuqhathanise.

53 Ukwanda kwabantu phezu komhlaba; kepha nokho ukukhawulisa ukuzala okunje, nazo zonke zezinto okuqhubekayo, akukunaki ngisho. Kuhamba ngokufanayo nje, ngoba sisesikhathini sokuphela.

54 Futhi-ke qaphelani, masinya nakho kufika isikhathi ngenkathi kuthiwa abesifazane babebahle kabi, bebukeka kahle kabi. Futhi siyakuhlola lokho kanye nalokhu futhi singakufakazisa.

55 Manje, bengibuka ezinye izithombe zakudala ngenkathi okhokho bethu, ngenkathi benqamula amathafa. Futhi angisalikhumbuli i—igama lowesifazane, kodwa igama lakhe lalaziwa kusukela eSan Francisco ku—kuya eBostono, ngokuba ngowesifazane omuhle ukubedlula bonke ezweni. UPearl White, ngiyakholwa, kwakuyigama lakhe, waseminyakeni eminingi eyedlula. Wabulawa yisithandwa sakhe, uScott Jackson. Futhi uma ubungabuka isithombe sowesifazane, eyintombi enhle ukuzedlula zonke ezweni, bekunganzima ukumbuka. Ubengabukeka enjengowasendulo phandle lapha emgwaqeni. Ngokuba, cishe noma yimuphi owesifazane ongamthola noma ngayiphi indlela ofuna ngayo, ubengabukeka ngokuphindwe kathathu kunaye, noma yimuphi owesifazane namhlanje ongamthola nje ehla ngomgwaqo. Niyabo, kungukwanda, ubuhle kwabesifazane.

56 Futhi-ke angazi noma abesifazane bakithi bayakuqonda yini lokhu futhi banga . . . Yingalesosizathu ngifuna leteyipu ukuba ihambe, ukuthi—ukuthi anifanele nibeke kakhulu . . . Sinifuna nibukeke, kodwa sinifuna nibe ngokwemvelo. Asinifuni nibukeke ngokwangaphandle-nje. Abanye balaba besifazane ababukekayo, uma ungake ubacwilise ebhavini lokugezela isikhashana bese ubageza, bangahle babukeke behlukile kancane, futhi—futhi ubagqokise ngendlela okufanele bagqokiswe ngayo. Kodwa a—a—abakwenzi, futhi ungeke ubatshele kwehluka. Futhi sizongena kulokho emva kwesikhashana. Kodwa lokhu nguku—kubanika kwelambu elibomvu.

57 Futhi khumbulani, kwathi abantu baqala ukwanda phezu komhlaba, nabesifazane babababahle, kwakuyilelohora, kwakungalesosikhathi, ukuthi:

> . . . *isithi iNKOSI, Umoya wami awuyikubusa njalo kumuntu*, . . .

Niyakubona ukubamba na? Niyasibona isandla sikaNkulunkulu, "UMoya waMi"? Amadodakazi abantu ayemahle; futhi azithathela abafazi. Futhi Wathi, ngaleyonkathi, "UMoya waMi awuyikubusa njalo kumuntu. Ngiyakuzaba izinsuku zakhe."

Manje ivesi 4:

> *Ngalezozinsuku kwakukhona iziqhwaga emhlabeni; nangasemuva futhi*, . . . *amadodana kaNkulunkulu engena kuwo amadodakazi* omuntu, kumbe—kumbe *amadodakazi* omuntu, *awa—wazalela abantwana*, futhi *labo baba* umuntu *abanamandla basendulo*, . . . *dumileyo*.

58 Niqaphelile akuzange kusho lutho ngomshado? Qaphela, "Amadodana kaNkulunkulu angena kuwo amadodakazi omuntu," lutho ngomshado. Futhi uma uthatha esiGrekini

sakuqala lapho, incazelo yegama, ithi, nginayo ibhaliwe phansi lapha ndawo ndawo, u "mfazi." "Azithathela *abafazi*," evesini 3, "bazithathela *abafazi*." EsiGrekini, ngilibhekile namhlanje ntambama, akuzange kuthi, "Azithathela *abafazi*." Kwathi, "Azithathela *abesifazane*," hhayi abafazi. Manje kuhlole neyakho—neyakho . . . iEmphatic Diaglott, futhi ubhekisise ukuthi lokho akusilo yini iqiniso.

59 "Azithathela *abesifazane*," hhayi abafazi. Abathatha njengoba babenjalo nje, izithandani zamahhala, njengoba sinazo namhlanje. Ngamany'amazwi, babeyizithandani ngalolosuku njengoba nje benjalo manje. Babehamba noma ngayiphi indlela ababeyifuna, futhi bathathe noma yimuphi owesifazane ababengamthatha.

60 "Kwathi amadodana kaNkulunkulu . . . " Manje, iningi labo lisho lapha ukuthi lokho kwakuyiziNgelosi ezawayo, nokunjalo, nalabo besilisa nabesifazane. Kodwa ukukhombisa ukuthi kuliphutha, kuliphutha ngokoqobo, iBhayibheli alisho-ndawo ngeziNgelosi zingowesilisa kumbe abesifazane. Futhi, ngaphandle, akukaze kubekhona o—owesifazane okwakhulunywa ngaye eyiNgelosi, eBhayibhelini, nhlobo. Manje uma ufuna umBhalo walokho, uMathewu 22:20, nokunjalo, ungawuthola.

61 Manje, lokho, lokho, ayikho into okuthiwa yingelosi yesifazane. Yingalesosizathu ukuthi umshumayeli wesifazane . . . I*ngelosi* yisi "thunywa." Futhi kuyi—futhi kuyi . . . I*ngelosi* yisi "thunywa." Futhi asikho esinjalo. Kodwa, niyabo, sebeguqukile, namhlanje, njengoba kwakunjalo ngalesosikhathi. Manje, nginamanye amaphuzu omlando abhalwe phansi lapha, sifisa ukungena kuwo emizuzwini embalwa.

62 Qaphelani, abesifazane bangalolosuku, emihleni kaNowa, kufanele ukuthi babengundab'zekwayo. Niyabo, "amadodana kaNkulunkulu," abakaSeti, amadodana kaSeti, abona amadodakazi kaKayini, ukuthi ayemahle. Ngani na? Ayemabi, futhi ayengamadodakazi kaKayini. "Kwathi amadodana kaNkulunkulu ebona amadodakazi omuntu, ayemahle, azithathela abesifazane. Khona-ke amadodana kaNkulunkulu awa ebukhosini bawo ekubeni noNkulunkulu, aba ngabaxoshana nesifazane." Futhi uma lokho kungesiso isithombe sanamhlanje, angazi ukuthi kuyini. Yiqiniso lelo.

63 Ndoda! Awubheke ngisho namabandla ethu namhlanje, awubheke konke okufisayo, kuqaphele. Ndawo zonke, kwakubukeka kulolosuku, kufanele ukuthi kwakungabesifazane ababukekayo. Indoda yaba yisigqila kubo, kusho umlando, ukuthi indoda eqinisweni yaba yizigqila kwabesifazane, ngoba babebukeka kakhulu, ukuthi baze baba yizigqila. Ngokoqobo bakha amathempelana, base bekhonza.

Futhi, cabanga nje, ngokoqobo bakhonza inyama negazi labesifazane ngalolosuku. Lowo ngumlando.

64 Futhi qhathanisa lokho nanamuhla. Kuyinto efanayo, mfowethu wami. Indoda eqinisweni ikhonza abesifazane. Ngani, ezweni lakithi uqobo, uNkk. Kennedy ucatshangwa ngokuphindwe kabili, kulokho uMongameli ayikhona. Kunjalo. Futhi uma uhlala njalo ukhuluma ngendoda, uma inonkosikazi okhangayo, yilokho-ke.

65 Futhi manje bayakusho lokho mayelana nokushayela. Niyabezwa bethi abesifazane bangabashayeli abacophelelayo ukubedlula bonke. Yiphutha lelo, ngoba ngizonitshela ukuthi kungani. UBilly nami, sinqamula leUnited States, nesimo esibonwe ngamehlo, sabeka i—ibalazwe elincane phezulu phakathi emotweni yethu, intwanyana yokulobela, futhi sabhala "owesilisa no "wesifazane." Futhi ngasosonke isikhathi uma owesifazane enze iphutha, sibeka uphawu ngasohlangothini lwakhe; futhi owesilisa enze elilodwa, sibeke olulodwa ngasohlangothini lwakhe. Futhi emakhulwini amathathu, lokho esikubiza sithi "booboo," [Ukuduka—Umhu.] behliba emgwaqeni lapho, wawungamangala. Kwakukhona abesifazane abangamakhulu amabili namashumi ayisishiyagalombili, esiliseni esilishumi nesishiyagalolunye. Kodwa niyazi ukuthi kungani? Abakutholi lokho ezinkantolo zamaphoyisa. Amaphoyisa angeke ayibophe intombazane ebukekayo; eyodwa enkulungwaneni. Impela, lithatha inombolo yayo yocingo, kodwa lingeke liyibophe. Futhi kuyileyondlela nje. Akumangalisi amarekhodi lingakukhombisi. Niyabo? Ngoba, indoda namhlanje injengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, bakhothamela ithempelana labesifazane ababukekayo. Kunjalo. O, he!

66 Kufanele ukuthi kwakukade kukubi kabi ngalolosuku, lapho bekhonza, abesifazane, bebanibanika qobo lwabo ngendlela ekhangayo kakhulu. Futhi uma babengompetha ekukwenzeni ngalesosikhathi, ngakho banjalo manje, ngiyajabula angiphilanga ngalesosikhathi. Kucabange, ukuthi kukanjani ukuthi kuphela ba . . . ukuthi abesifazane uzoziphatha kanjani ngendlela efanayo njengoba benza manje.

67 Qaphelani, iBhayibheli lathi, "Bayadla futhi baphuza." Manje, lokho—lokho kuvunyelwe ngumthetho. Impela.

"Ukuganana kuhloniphekile." Indoda, indoda iganwa ngowesifazane, lokho kuhloniphekile, lokho kumiswe nguNkulunkulu. Kodwa nxa sekufika esikhathini ukuthi indoda izothatha umfazi weny'indoda, kumbe ithathe omunye owesifazane osemusha, kumbe omunye wesifazane okunganandaba ukuthi ungubani, bese yephula izifungo zayo zomshado, futhi yenze okuthize okungalungile,

kuyisono ebusweni bukaNkulunkulu. NeBhayibheli likhuluma liphikisane kanzima kabi ngakho.

68 Manje qaphelani, Lakusho lokho. Ukuganana, uNkulunkulu wakumisa lokho eEdeni, kodwa ngempela Wakulahla ukuphinga. Futhi laba besilisa nabesifazane, ngalolosuku, bedlula eceleni imithetho kaNkulunkulu, futhi bazithathela wona futhi bawenza, noma kanjani. Manje, qhathanisa lokho nanamhlanje. Awuwubheke. Uma ufuna ukubona ukuthi isitimela sesiyavulelwa, cabanga ujule kahle ngalokho manje, njengalokhu uJesu Kristu ongenakuphosisa washo lamaZwi. Niyabo?

69 Futhi qaphelani, iBhayibheli lathi lapha, "Bayadla futhi baphuza," kusobala, nabesifazane babo ababukekayo. Manje, siyaqonda ukuthi lokho kulungile. Ukudla nokuphuza, lokho kungokunye kweminye yemithetho yemvelo yokuphila. Sifanele sikwenze. Kodwa nxa konke lokho usukuthwele engqondweni yakho, namhlanje abantu sebevele babeyiziminzi, badakwe, abesifazane bephuza endlini yokudlela ukudla okuthengwa khona. Futhi ningena endaweni lapho u—uwiski nosoda notshwala obuyingxubevange kunikezelwa khona, abesifazane baphuza ukwedlula owesilisa.

70 UJesu wathi, "Njengasemihleni kaNowa, babedla, futhi bephuza, futhi bendiswa." Ngamany'amazwi, babehlala nabesifazane ngaphandle kokubashada. Futhi namhlanje, ngani, sekwenziwa kube ngokumiswe kakhulu. BabenoReno, ukuthi wawungashada, futhi wehlukanise ubuye ushade futhi, konke ngosuku olulodwa. Kodwa lokho sekwaphela kudala manje. A—abayeni, ababizwa kanjalo, namakhosikazi, baphatha okhiye abehlukene bamakamelo kulamadolobha amakhulu. Manje, ngiyaye ngihambe. Ngi—ngikhona impela emadolobheni futhi ngiyakwazi ukuthi kuliqiniso, ukuthi umyeni unezakhe izinsuku zokunqumelana ukubonana, nonkosikazi unezakhe izinsuku zokunqumelana ukubonana. Awu, kuyisibumbatha so—sokubola okunje pho, sekuze kwaveza isixheke se—sesithambile, esivilaphayo, esingalungile, isizukulwane esibheke esihogweni.

71 Eminyakeni embalwa eyedlula, buka ukuthi indoda isikuphi, emzimbeni wayo. Buka ukuthi isikuphi, ngezinto esizenzile. Isayense ilokhu iqhubeka izama ukwenza ukudla okungcono, okusanhlamvu okuxutshanisiwe nolunye uhlobo olusanhlamvu, no—notamatisi oxutshwe nolunye uhlobo lukatamatisi, inyama exutshaniswe nolunye uhlobo lwenyama, kanti leyonto kayilungile nhlobo. Ibulala abantu, futhi abakuqondi. Ngani, eminyakeni engaphezudlwana, bazobe bengaselutho kuphela i—isixheke esinjengetheketheke.

72 Eminyakeni engamashumi amahlanu eyedlule, imidlalo yebhola yayiqhubeka njengoba nje benza manje, futhi awuzange uzwe-muntu elimala, kodwa manje babulala idazini, kumbe

amabili, ngonyaka. Ibhola liyoshaya indoda, yona, akusekho lutho kuyo lokubamba ukuphila kuyo. Ifana nesilwane esiququdayo. Uyayishaya, ithambe kabi, isifile.

73 Ngenkathi uBob Fitzsimmons elwa noCorbett, ngikholwa ukuthi balwa imizuliswano elikhulu namashumi amabili-nanhlanu, ngenye intambama, bengafake magilavu. Ngenkathi lawomadoda ngesibhakela esinamandla ezingalweni zawo ayengabhanqa ngambili-ngane emayintshini amane, futhi aqhumise lokho ngambili-ngane ngalutho kuphela ngamanqindi anesikofu. Ayelala izandla zawo zikuvinika, ukwenza amanqindi awo abel'khuni. Futhi u—umzuliswano wawungesiyo emincane emibili-kumbe umzuliswano oyimizuzu emithathu njengoba sinayo namhlanje. Ayengenayo inofonofo yamaqubu ethandelwe emagilavini awo angayivalile iminwe, futhi akukho-muntu owafayo. Futhi alwa. Umzuliswano wawungumngqimuzo womlahla-phansi. Wawufanele uyingqimuze uyilahle phansi indoda. Futhi alwa imingqimuzo yomlahla-phansi eyikhulu namashumi amabili-nanhlanu. Ayengamadoda. Futhi namhlanje bazobuyekisa ubuciko bokulwa ngesibhakela, lapho sekukhona inofonofo yamaqubu ezingalweni zabo nasemanqindini abo, abakwazi ukulwa imizuliswano emibili kumbe emithathu kungekho othize ofayo. Yin'indaba na? Yenziwe yisixheke se, angazi, inkucunkucu ethambile, okungaxutshwe nalutho, sesize siyafa sonke isizukulwane.

74 Alizange likusho yini iBhayibheli lokho, ukuthi bayoba buthakathaka futhi bahlakaniphe na? Ngani, kwesinye isizwe sabantu esizayo, bayophila ngegobongwana elinomuthi phakathi, bathathe igobongwana elinomuthi phakathi kube yidina labo. Akulutho kepha yisixheke sababhemi-sikilidi, abaphuza ugologo, abagijima notshwala obuyingxubevange, isixheke semihuqa yabalumbi, abashintshashintsha imibala. Abantwana abayintsha esikoleni, nobuhlongandlebe bentsha; akumangalisi, unina ephandle emgwaqeni, eziphatha ngendlela enza ngayo, kuphonsa umntwana entweni efanayo.

75 Abesifazane ababukekayo bayanda; impilo yokuhlalisana nabantu yabhidlika. O, he, into enkulu kanje osukwini esiphila kulo! Bakwenza kanjani lokhu, kuyi un- . . . baqhubeke nalokho. Bangeke baqhubeke nakho. Benzani na? Njengoba nje benza ngaleyonkathi, benza iMiyalo kaNkulunkulu inhlekisa. UNkulunkulu wathi, "Ungaphingi." Kodwa bakhombisa ukuthi bangakwenza, futhi baqhubeke nakho. Bacabanga ukuthi bazoqhubeka nakho, kodwa soze bakwenze. Mhlawumbe kungcono ukuba anizanga, nilalele lokhu. Hhe? Nokho, uNkulunkulu washo ukuthi lesi kuyakuba yisikhathi ilambu elibomvu eliyobanika ngaso. UJesu washo njalo.

76 Manje i—isono esinje pho abasenzayo, futhi behleka isono! Izikhathi eziningi, ukuthi, yona impela into leliBhayibheli eliyibiza ngokonakala, izwe namuhla liyibiza

ngobumsulwa. Nxa nithatha amantombazane asemancane, bese niwahhundula izingubo zawo, bese niwabeka phandle lapho egqoke izikhinjana, emabhulukweni nezinto, bese niwahambisa ehle ngomgwaqo, futhi bacabanga ukuthi lokho ngubumsulwa ukuthi intombazane ingaveza obala inyama yayo yabesifazane. Kanti, iBhayibheli lithi kuyisono, kubi kabi! Kodwa izwe likubiza ngobumsulwa. Niyabo, benza iMiyalo kaNkulunkulu . . . Nebandla alisho lutho ngakho. Sekuyisikhathi sokuba othize avuke egameni lokulunga, eGameni likaJesu Kristu, futhi akufihlize lokhu, ngoba ngesinye isikhathi sizophendula ngakho ngoSuku lokwaHlulela.

77 Manje, uma lokhu kuzwakala kukudala futhi kuyisidala, komuny'umuntu, hlola emuva eminyakeni embalwa bese ubuka ukuthi kwenzekani manje, bese ucabanga ngesikhathi esizayo-ke. Akukho sikhathi esizayo kodwa uKuza kweNkosi.

78 Qaphela, hlola laba besifazane ngaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi nokuthwayiza kwanamhlanje; hlola ukuthi babeyini. Hlola ukuthi amadodana kaNkulunkulu enzani; hlola ukuthi enzani namhlanje.

79 Ngangihlezi engqungqutheleni esikhathini esingeside esedlule, futhi kwacishe kwangibhidlizela phansi, ngenkathi zonke i . . . Wonke umuntu wayebukeka nje eyithokozela inkulumo yomfundisi, owayemi emsamo. Futhi ngangihlezi ngale ekhoneni. Futhi kwakukhona i—-intombi esencane engenayo, futhi yayigqoke kabi kabi. Futhi ifika yenyuka kulelibandla, njengoba kusho iBhayibheli, ihamba icokama. Futhi wonke umshumayeli emsamo, kuhlangene nebandla, wonke umuntu bephendula ikhanda labo futhi bebuka, belandela lentombazane. Futhi ngacabanga ngalomBhalo, “Amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi omuntu,” izoni, abangamesabi uNkulunkulu, abesifazane ababukekayo. O, kudabule eliningi ibandla laba yizicucu. Kwasusa uMoya kaNkulunkulu. Qaphelani, “Babona amadodakazi omuntu.”

80 Manje khumbulani, uJesu Kristu ongenakuphosisa wazisho lezizinto ukuthi ziyoba ngalendlela kulolusuku. Futhi Wathi, “Nxa nibona konke lokhu kwenzeka, khona-ke niyazi ukuthi isikhathi sesisemnyango.” Manje, ababaningi abantu abazosho lokho. Baningi abashumayeli abebengeke bakusho lokho. Ubengakwenza, uma ubethanda. Kodwa uma ubengathanda, ibandla belizomkhipha. Yiqiniso ngempela lelo.

81 Kodwa nansi into eyodwa. Uma umuntu ebizwa nguNkulunkulu, uyohlala naleloBhayibheli, angikhathali ukuthi kuzomele enzeni. Ufanele ukhumbule ukuthi LiliQiniso. Futhi iQiniso liyabopha noma likhulule. Futhi lokhu yikho impela okwashiwo nguJesu Kristu.

82 "Amadodana kaNkulunkulu awa ngenxa yezimo zobuhle nobuso, bamadodakazi abantu." Futhi yilokho impela nje esinakho namhlanje, into efanayo futhi.

83 Manje, qhathanisa lolosuku. Ukuphindaphindwa kwabantu; abesifazane beya ngokuba bahle; amadodana kaNkulunkulu ewa; ukuganana nokwendisa; amacala okwehlukanisa; behlala ngokuphinga; nokunjalo.

84 "Ngani" wena uthi, "Mfowethu Branham, umzuzu nje. Angazi."

Lalela, mfowethu, ngaphambi nje kokuba kubekhona okushoyo, lalela lokhu. UJesu Kristu washo, ukuthi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe." Futhi nxa ubona . . . Nxa indoda iphuma ehhovisi layo, iphume ebandleni, iphume endlini yayo, ithwabaze emgwaqeni, okubonayo kuphela ngukuvezwa obala, macala onke, kwenyama negazi labesifazane, ukubumbeka okulingene, obuso obubukekayo, ilingeke. Yilokho uNkulunkulu athi kuyokwenzeka. Nxa lokho sekwenzekile, khona-ke isikhathi sasesisemnyango.

"Njengasemihleni kaNowa, lapho amadodana kaNkulunkulu ebona amadodakazi omuntu, futhi aqala ukuzithathela abesifazane." Niyabo? Nakho lapho okhona.

85 Manje qaphela. Siyakuthola lokho, into efanayo namuhla. Siyabona emlandwini, lokho-kunxanela ucansi okungaka ababenakho kubo, aze amadodana kaNkulunkulu azenzela amathempelana abesifazane. Lelo ngelikaVenus, nokunjalo. Niyabo? Wona, enza amathempelana, futhi akhothama kuwo. Nxa uthi, "Mfowethu Branham, asinazo izinto ezinjalo namuhla. Ungeke wakuqhathanisa lokho nalolusuku." Akunjalo. Ngikholwa yikuthi kubi ngokwedlulele namhlanje kunoma kwakunjalo ngalesosikhathi.

86 Yini esiyibonayo? ITV! Ungeke ucoshe ngisho nephephandaba kepha yonke into oyibonayo ithe chithisaka abesifazane. Abesifazane ababukekayo kuzozonke izijumba zikagologo, kumaphephabhuku, abakhanukisayo, begqoke ngokungahloniphekile. KwiTV, kuyo yonke into, ngowesifazane othize ogqoke ngokukhanukisayo, owesifazane othize obukekayo. Futhi siyathola kwi—kwizaziso zikasikilidi, yonke into ongayibuka, uthola ukuthi ngowesifazane othile okhangayo. Ungeke ubone ngisho isaziso samasokisi amade kasilika ungabonanga imilenze ethe ukulolongeka yamincane ihamba kuwo. Futhi kunjalo. Kodwa kuyini na? Kungani na?

87 Ngikhumbula indoda engangiyisebenzela, uChris Meisner, enhla lapha ekhoneni. Abaningi benu bayamkhumbula uChris Meisner. Umkakhe, uLillian, igama lakhe kwakunguLily, ngiyacabanga, iEllinger. Futhi ngenkathi e . . . Indoda iwelela nganeno. Wayeyintombazane enhle. Nendoda

yayifuna ukuthola imvume kuyise wayo, ukubeka ubuso bayo, isithombe sayo, uhlangothi olulodwa lobuso bayo, ebhokisini lamaswidi. NaloMluthela omdala oliJalimane wama ngezinyawo zakhe, wayesethi, "Lokho kuyinhlamba kimi, ukubeka isithombe sendodakazi yami ebhokisini lamaswidi, ukuba sisakazeke nezwe lonke." Kuthiwani-ke namhlanje? Lapho, izaziso zamaphepha, itelevishini, konke okubonayo, konakele, inhlamba, okukhanukisayo, abesifazane ababukeka benokungamesabi uNkulunkulu. Kunjalo. Kuyini na? Isitimela, isitimela esidala—esidala sesiyavulelwa manje. IBhayibheli lasho njalo, sizofika masinyane impela. Siyawuzwa umsindo.

88 Sikhuluma ngezinye izinto mayelana naso, kodwa, khumbulani, lokhu ngokunye ukubanika, okunye kokubanika okubanibanika phambi kwethu namhlanje. O, sibona isimo sesizwe; sibona isiphithiphithi sezombusazwe; sibona isimo sebandla. Sishumayela ngakho konke lokho. Kodwa lokhu ngokuthile okusha. Kungokuthize okungathandwa impela ngabantu ukuba kukhulunywe ngakho, kodwa kufanele kwenziwe, ngokuba kufanele kubekhona iphimbo elimemeza kakhulu. Khumbulani, wona amazwi engiwashoyo kulobubusuku ayohlangana nami ngaphambili ekwaHluleleni. Niyabo?

89 Lapho ngibone lona wesifazane esikhathini esingeside esedlule, embonweni iNkosi eyangibonisa wona, ngimbona efa. Lokho, angisalicabangi nhlobo igama lalowo wesifazane, yena, uMarilyn Monroe. Futhi ngangingakaze ngimbone. Angiyi emabhayisikobho. Kodwa nga—nga—ngangiyibonile intombazane, futhi yayikhanga. Futhi yayizama ukufinyelela kokuthize; yayifa, yaba nokuhlaselwa yinhliziyo. NeNkosi yathi, "Manje shono lokho, 'Ife nje ngelesine nqo. Ayizange izibulale.'" Yathi, "Kodwa ungasho ukuthi ife ngelesine nqo, ngoba kuyimizuzwana embalwa nje ngaphambi kwelesine." Futhi lapho ngabona lapho abayithola khona. Futhi ngamtshela uBilly, ngawutshela umndeni, labo ababenami, mayelana nakho. Futhi izinsuku ezimbalwa emva kwalokho, kwakunguMarilyn Monroe owafayo.

90 Manje, ngenkathi ngiseCanada ngelinye ilanga, abantwana bami babelokhu bengitshela, ngale endaweni ethize lapho inenekazi lasinikeza indlu, lalinetelevishini. Futhi bathi, "Kuzoba nomdlalo, obizwa nge, The River Of No Return." Lowo ngumfula engidoba kuwo, sonke isikhathi. Futhi uJohn Smith, umngane wami, uthatha lolohambo. Bathi, "Benze ibhayisikobho ngalo." Futhi bathi, "Baba, mhlawumbe kungenzeka ukuthi uMnu. Smith usohlelweni. Ungathanda ukuwubuka?"

"Kuhle," ngathi, "uma sengibuya eCanada, uma ngibuya ngesikhathi, ngizowubuka." Yebo, ngenkathi umdlalo uvela, ngawela ngayowubona, ngahamba ngayowubona. Futhi

sengiwubona, ubani owayedlala kuwo kodwa nguMarilyn Monroe. Manje, wayelapho, emva kokuba sekungunyaka efile kumbe ngaphezulu, wayelapho egqoke konke okukhanukisayo. Laliphezulu lapho iphimbo lakhe, lisalokhu lidlala; futhi liyolokhu likhona, iminyaka ngeminyaka, phezu kwaleyoteyipu kazibuthe. Uma leyoteyipu kazibuthe ibamba ukwenza kwakhe, lapho uma ubengabuka lapho ekhona kulobubusuku. . . Ngethemba ukuthi usindisiwe, kodwa angazi; lokho kukuNkulunkulu. Kodwa uma ubengabuka emuva, angeke akuphike lokho. Angeke akuphike lokhu, ngoba sinakho. Kakhulu kangakanani-ke uNkulunkulu unawo onke amabhayisikobho, konke ukwenza, phezu kweteyipu yaKhe enkulu ewedlula onke eyobakhona. Singeke saphuma kuyo. Ikhona lapho nje.

91 Futhi khumbulani, ukuba bekukhona umbhobho ohlezi khona lapha lapho okukhona *lokhu*, futhi ukuba bengisakaza manje ezweni, abantu izwe jikelele bebezozwa iphimbo lami ngaphambi kokuba lize lifinyelele ngisho kini linqamule lelipulpiti. Lokho kusezintweni ezincu eziphethe ugesi we—wezwe.

92 Futhi niyazi, lelophimbo alifi neze. Alisoze lafa. Kusho isayense, "Eminyakeni engamashumi amabili," uma bengaba nenqubekela phambili njengoba benayo manje, "Ukuthi bayocosha iphimbo langempela likaJesu Kristu ngenkathi Esesemhlabeni, eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje." Ngoba, kunjengokuphonsa imbokojana echibini, amagagasi amancane angahle ekugcineni afiphale emehlweni akho, kodwa isayense ithi abuyela emuva ogwini olulodwa, ngapesheya kolwandlekazi aye kolunye, futhi aye emuva naphambili, futhi awafi nhlobo. Futhi kanjalo namazwi owakhulumayo; ayohlangana nawe ngoSuku lokwaHlulela, futhi ayokulahla noma akusindise, futhi awusoze ukwazi ukubalekela nayiliphi elalo.

93 Futhi singabezwayo impela, kuza kudabula kuyo lendlu impela manje, yizithombe zabantu. Uma ungakukholwa, vula itelevishini. Futhi kukhona amaphimbo abantu, nokho imizwa yethu ingelicoshe.

94 Manje, banesiteshi esithumelayo nesigxobo esiwuzibuthe, kumbe ishubhu, kumbe itshe elikhanyisa okwengilazi elicosha lawomaphimbo futhi libuye liwaveze. Futhi manje okuyiyonanto kuphela iBhayibheli eliyiyo, yilokhu, iZwi likaJesu Kristu Alikhulumayo, futhi Asaphila eyiwo ngempela njenganoma yiliphi nje izwi elisemhlabeni kulobubusuku.

95 Manje, uma inhliziyo yakho ihlanzwe yiGazi likaJesu Kristu, futhi ibe yisethi eyemukela kuleyoSethi ethumelayo, Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi wenza izinto ezifanayo Azenzayo, ngoba iZwi laKhe lingeke lafa. Aphila njalo njalo.

Abadinge kucosha-sethi, kumbe eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje. Silemukela khona manje. Manje, nakho lapho okhona.

96 Ukuphila kulolusuku olukhulu esiphila kulo, eduzane kokuza kweNdodana yomuntu, namalambu ayabanibanika nxa zonke, oKuza kwaKhe. Siyakubona kwezombusazwe; siyakubona ebandleni; siyakubona esikhathini; sikubona nxa zonke esibuka ngakhona. Sibona ilanga alisabukeki njengoba lalibukeka.

Umhlaba usuphumile emgudwini wawo. Bangitshela njengamanje, eNdaweni yasekugcineni komhlaba ngaseNyakatho, enhla phakathi lapho, ukuthi ulwandle seluphenduke, ngiyakhohlwa ukuthi kukangaki, lwajula kakhulu kulokhu olwaluyikho. IsiKhala solwandle iBering, wawungahamba uwele kuzo. Manje, ngamaningi, amaningi, amaningi amafidi ukujula, esiKhaleni solwandle iBering. Ngani? Umhlaba uyavokomala phakathi nendawo. Uya ngokungajuli ngaphandle lapha lapho owawujule khona, futhi uya ngokujula phezulu lapha lapho owawungajule khona. Umhlaba uphume ngokuphelele emgudwini. Uyacathula. Uyelukeka. Yonke imvelo iyavuma, nakho konke esingakubona.

97 Futhi manje, kulobubusuku, siyathola ukuthi yona imvelo uqobo lwayo iyaveza, esintwini, isibonakaliso soKuza kwaKhe; ngokuba, amadodana kaNkulunkulu, namadodakazi omuntu ayangokuba mahle, nokuthi azithathele kanjani kubo abesifazane. Ihora elinje pho esiphila kulo! O, he, nokuthi kwakunjani ngalolosuku!

98 Bese-ke siyabona emlandwini walento enkulu eshaqisayo, yowesilisa ekhonza abesifazane, futhi siyathola namhlanje ukuthi yizwe labesifazane.

99 NgangiseSwitzerland, esikhathini esingeside esedlule, futhi ngangikhuluma no. . . Manje, angiphikisani ngalutho nabesifazane bakithi abangamaKristu, qhabo, mnumzane, bangamagugu. Ngikhuluma ngenqubo yezwe. Kwakukhona inenekazi elaligibele lihambisana nami, uMfowethu Guggenbuhl, nentombi yakhe ayehamba nayo. Uyindoda ethi—ethi impela ayisondele ekubeni nguntanga yethu, akaze aganwe, impohlo endala, futhi wayehamba nentombi ethize esencane. Kwase kuthi-ke enye yamantombazane khona lapho, futhi yathi, “Mfowethu Branham, awusitshele ngeMelika. Siyaqonda ukuthi, abesifazane ngapho, kuyizwe labesifazane ngapho, iqiniso impela.”

Ngathi, “Kunjalo.”

Yathi, “Bengihlala njalo ngifuna ukuhamba.”

Ngase-ke ngiqala ukuyichazela. Yathi, “Ini?” Ngathi, “Yebo.” Kwawuguqula khona lapho umqondo wayo.

“Awu,” yathi, “ungayiphila kanjani impilo yokuba ngumKristu endaweni enjengaleyo, pho?” Ake ukucabange.

100 Ngenkathi ngiyongena e—eRoma, futhi ngangisezansi eSan Angelo, imihume okwakulahlwa kuyo izidumbu, kwakushaqisa. Ngenkathi ngiphuma ehhotela lami futhi ngehlela lapho okuyileyondawo ebizwa ngokuthi, “IziNhlamvu eziNtathu zemali eMthonjeni,” abesifazane emgwaqeni, ukuthi bonakele kanjani. Abesifazane bephuma futhi bakucele ukuba ubathathe nibe nosuku lokunqumelana ukubonana, zonke i’nhlobonhlobo, osayizi, nezinhlobo. Futhi ngiyakhohlwa ukuthi bangaki abeza kuBilly nami noMfowethu Baxter, ngaphambi kokuba sifinyelele ezansi edanyini, nendoda evela kwi TWA eyayisibonisa indawo. Ngathi, “Ngabe labo besifazane bamele baphile kanjalo na?”

101 Yathi, “Qhabo. Ngenkathi amasosha enganeno, baze bakwejwayela. Kepha, nokho, banawo umsebenzi omuhle, nokho bayaqhubeka.”

Kodwa ngisho nasendaweni enjalo, ngenkathi sengifike endaweni yeSan Angelo, uphawu olukhulukazi lapho, oluvela eVatican, olwaluthi, “Isaziso kwabesifazane baseMelika! Sizani nigqoke izingubo ngaphambi kokuba ningene nokuthi ninikeze inhlonipho kwabangasekho.”

102 Ngiyibonile intombazane yaseMelika yehla eParis, lapho khona, eqinisweni, enye yezimfashini zethu yayivamise ukuqhamuka eParis. Kodwa leyontombazane yayigqoke ngokungahloniphekile kabi, ikanye noyise nonina, aze athi amasosha ayesebenza phandle lapho abeka phansi amapiki awo namafosholo, ase egijima aya enhla lapho ase ebuka ngale enkundleni, ukubukisisa lentombazane yaseMelika yedlula.

103 Sihamba phambili ngezimfashini. Kanti, kwakuvamise ukuba yiParis, kodwa manje beza lapha ukuzothola inhlamba, ukungcola okuyihlazo. Futhi lesisizwe, lapho imvuselelo isanda kwedlula, yombhaphathizo kaMoya oNgcwele, neNkosi uJesu ethandekayo ikhombisa izibonakaliso zaYo nezimangaliso zomusa, nokukhuluma njengasemihleni kaNowa, nokukhanya kubanibanika ngapha nangapha. UNkulunkulu ongavusa ofileyo embhedeni wakhe; uNkulunkulu ongaphulukisa abagulayo; uNkulunkulu ongasho izinto kungakenzeki, futhi akwenze kuphelele ncamashi, ngaso sonke isikhathi, ngaphandle kokwehluleka. Futhi ungashumayela kwabesifazane bakithi eMelika, futhi baya ngokuba babi kakhulu minyaka yonke. IBombay, ngiqonde . . .

104 EThekwini, eNingizimu Afrika, lapho okwakukhona abomdabu abangamakhulu amabili ezinkulungwane bebuthene obala emhlanganweni, ngenkathi isimanga esikhulu senziwa nguNkulunkulu. Futhi ngababona abomdabu abembethe izingubo. Abesifazane bemi lapho nonomndindi wobuhlalu ongamayintshi amane kuphela olenga ngaphambili. Nendoda,

ingagqoke-ngubo, indwangu engamayintshi amane. Behambaze! Ingubo abalala ngayo, isikhumba sembuzi; banikwa sona, kubona, uma sebesebangeni elithize lobudala; bese-ke behlala ngalokho, balale ngakho, bazisonge ngakho, futhi bafe futhi bangcwatshwe ngakho, esibayeni sokubambela izilwane ndawo ndawo.

105 Futhi ngibabonile labo besifazane, bephila isidala kabi, owesifazane waze wazala ingane, ehlezi amafidi angamashumi amabili ukusuka kimi. Akazange aye esibhedlela. Bona nowesifazane bamsiza lapho umzuzu, futhi emizuzwini ethi ayibe mihlanu kwase kuphelile njalo. Wacosha ingane yakhe wase ekubeka esifubeni sakhe, ukuba kuncele. Leso sidala! Kodwa lapho sebebone amandla kaNkulunkulu uSomandla efika phezu komfana owayesosizini kabi, futhi ephambene ngisho nasengqondweni yakhe; futhi wavuswa yasa ingqondo yakhe, enika uNkulunkulu udumo; amashumi amathathu ezinkulungwane zabomdabu abembethe izingubo bemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wabo qobo lwabo. Kwenzekani na? Niyakhumbula, lokho kukhulu ngokuphindwe kashumi kunePentekoste. Amashumi amathathu ezinkulungwane! Futhi akukho-muntu . . .

Ngabaqaphelisisa labo besifazane ngamehlo ami uqobo, ngenkathi bewa emhlabathini, bephula izithixo zabo, benikela izimpilo zabo kuJesu Kristu. Babengazi. Mhlawumbe babengakaze balizwe iGama laKhe, abaningi babo. Kodwa ngenkathi bewa nga—ngamadolo abo, futhi ngababuza, ukuthi babeqinisile yini ngakho, bekuqondile, ukwephula izithixo zabo. Futhi bazephula izithixo zabo. Futhi ngenkathi bewa ngamadolo abo futhi benikela impilo yabo kuKristu, lapho ngisabakhulekela, futhi babuye bavuka basukuma. Futhi labo besifazane ababema behlise izingalo zabo, bengazi ukuthi babenqunu; kwathi nje ukuPhila kukaKristu kungathinta impilo yabo, ngababona labo besifazane besonga izingalo zabo futhi basuka phambi kwesilisa. Futhi uma ukuthinta kukaJesu Kristu kuyokwenza lokho kowomdabu owembethe ingubo, kufanele kwenzenjani esizweni esilizwile iVangeli amakhulu eminyaka na? Nakho lapho sikhona manje . . . Ngikubonile lokho. Lokho akusikho okushiwo ngumuntumumbe. Ngikubonile lokho. Niyabo? Kuyisimanga-ke ukuthi sizibiza ngamaKristu, futhi ngonyaka ngamunye sikhumula eziningi. Namabandla abonakala engakugqizi-qakala.

106 Izinhlelo zeTV, o, kwenza igazi nenyama yabesifazane . . . Abasibo onkulunkulu. Abasuye unkulunkulukazi. Kodwa kubeka iMelika ohlelweni ngqo ukugcwalisa umBhalo. Inombolo yeMelika iyishumi nantathu. Ithempelana leMelika ngowesifazane, njalo. Kusemalini yakithi. Kusezintweni zonke. Futhi manje kuletha ngempela esikhathini ukuthi sizoba

nonkulunkulukazi waseMelika, futhi, akukude kakhulu. Ungawubona umbhalo wesandla obondeni.

107 O, sizokwenzenjani na? Ungeke ngisho uphume uhambe emgwaqeni uthole . . . Ubuka phandle emgwaqeni, uqale wehle ngedolobha bese nje ubona ukuziveza obala kwabesifazane, ukuthi bazenza kanjani ngezingubo kulokho, eqinisweni ngempela, owesifazane ufanele nga unamahloni ukuma ekamelweni lakhe lokugqokela enjalo. Ahambe aphumele phezulu emgwaqeni, ezimpintshe kabi, ne—nezingubo ezincanyana azigqokile. Futhi—futhi ephandle egqoke lezi zokubhukuda olwandle nalamabhikini amancane, noma kambe bakubiza kanjani, ekugqokile, nezinto ezifana nalokho. Futhi bengazi ukuthi phakathi kubo ngumoya wobubi. Lapho, abaningi babo bacula emakwayeni. Yilokho uJesu athi kuyokwenzeka.

108 Inyama yabesifazane! Bayinyama negazi. Abasibo onkulunkulu. Ngowami umbono . . . UNkulunkulu angithethelele uma nginephutha. Kuyimidanso yokuhhundula izingubo nya. Kul'khuni ukuthi ungayisola indoda, uma ingesuye u—umKristu, kodwa iyowa, futhi iwele ezilingweni nasendaweni lapho ize yenze okuthize okungafanele, ize i . . . Niyabo, ingekwazi ukuzibamba. Kuyamangalisa ukuthi akukuningi kakhulu kangako ukonakala okwenzekayo, ngoba, kuningi kakhulu okwakho, icala likwabesifazane. Kodwa, ukuba bekungenjalo, ubungayisola kanjani indoda na? Beka insolo lapho insolo ingeyakhona.

109 Owesifazane uthi, "Manje, Mfowethu Branham, ngiziphethe kahle kabi . . . " Akukho kungabaza ngalokho.

Kodwa, dadewethu, uyazi yini ukuthi uzophendula ngoSuku lokwaHlulela ngokuphinga ngenkathi uziphonsa phandle lapho nendoda ikubuke na? Wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe, futhi uyozilanda ngakho." Futhi mhlawumbe awuzange usenze isenzo, kodwa uma uvumela uSathane ukuba abeke lowomoya phezu kwakho, lapho, imvelo qobo lwayo ibifanele ikufundise ukuthi kuliphutha! Ngaphandle koMoya kaNkulunkulu, imvelo ifanele ukukwenza, ikufundise ukuthi kuliphutha.

110 Ngibikezela ukuthi masinya bazophuma nenye yalezizinto, kuzoba nje yiqabunga lomkhiwane futhi. Ngakubikezela lokho eminyakeni engamashumi amathathu eyedlula. Niyabo, inhlamba ethize eqondiswe eBhayibhelini. Niyabo? Bazokwenza. Kungumdanso wokuhhundula izingubo kuka wonke wonke.

111 Manje, udeveli wenza okufanayo emadodaneni kaNkulunkulu namhlanje. Futhi kunjalo. Bhekani amabhizinisi ethu. Imvama yamabhizinisi ethu ilawulwa ngabesifazane, inqwaba yawo. Kunjalo. Ake nibheke amabandla akithi, ake

nibheke isizwe sakithi, ukuthi amadodana kaNkulunkulu alikhothamela phansi kanjani ithempelana lalezizinto, laba besifazane. Lapho, abayikho, kimi, akwehlukile ezifebeni zika wonke wonke. Lokho kuyinto embi kabi kabi ukuyisho, kodwa kuliqiniso elihlezi obala. Ngiyazi ukuthi abantu bayawezwa lamateyipu nezinto, bazozisho lezizinto. Kodwa ungakwenza kanjani na? Uma uziveza qobo lwakho kanjalo, nendoda ikubuke, njengoba uJesu wathi usu "phingile" nayo. Futhi ngenkathi leyondoda isiziphendulela ngokuphinga, ubani owakwenzayo, yicala likabani na? Ngowesifazane owazihhundula kanjalo futhi waziveza qobo lwakhe, kumbe waziletha yena qobo lwakhe phambi kwalesosoni. Kunjalo. Kuyisibonakaliso sani na? Isikhathi sokuphela, ilambu elibomvu.

112 Ubumama buyehlukana. Izizwe ziyehlukana. Manje uma ufuna ukubona lapho uJesu akusho khona lokho, funda uMathewu 5:28. Kwakulapho-ke. Impilo yesifazane iyona ebe yimbangela nesimo sokuwa, phezu kwalokho, amandla ocansi abe yincithakalo. Uma ufuna ukulandela umkhondo emuva, nazi ezinye izizwe engilandele umkhondo emuva wokuwa kwazo. Esisodwa kwakuyiGibhithe, iAsiriya, iRoma, namanye amaningi, awa ngamandla abesifazane.

113 Qaphela, akukho lutho uNkulunkulu angalupha indoda, ngaphandle kwensindiso, oluhle kakhulu kunowesifazane omuhle. Akukho-ndoda engaduduza, akukho—akukho-muntu ongaduduza umuntu uma bekhathele, bangeke bethembele kunoma ngubani kunanjengoba benza kumkabo. Futhi ninento eyinhlanhla kabi nina bafowethu uma ninonkosikazi omuhle omncane ohlanzekile futhi oqotho, futhi oziphethe kahle, futhi ungangena uma ukhathele udiniwe, futhi uhlale phansi futhi angakhuluma nawe. Angenza okuningi nawe kunoma ubani omunye. Kunjalo. Uligugu. Uyindlovukazi.

114 Kodwa khumbulani, "Owesifazane wenzelwa indoda; indoda ayenzelwanga owesifazane." Into yokugcina enokudala uNkulunkulu ake ayidala kwakuyindoda. Owesifazane ungokuvele eceleni okuphuma endodeni. "Futhi wenzelwa indoda; indoda ayenzelwanga owesifazane." Sebejike bakuphendukezela, futhi indoda iwela ethempelaneni labesifazane. Yileyonto impela eyakuqala ekuqaleni. Yilokho okwenzekayo ekuqaleni. Ngenkathi indodana kaNkulunkulu, uAdamu, wayengeke alingeke ekwenzeni okwakuliphutha, uSathane ufika ungena kumuntu owayebizwa ngenyoka, eyayifana nendoda. Futhi kwaqala lapho-ke, ukuthi uEva wasuka emva kweZwi likaNkulunkulu, futhi lokho kwabangela konke ukuphathwa yikhanda, zonke izindawo zamathuna. Sonke isono esake senziwa, saqala khona lapho.

115 Nakhu futhi. Ini na? Abesifazane kwaba yibo imbangela yokuwa kokuqala, futhi abesifazane baphetha isikhathi.

Wakuqala; uyakuphetha. Akumangalisi iBhayibheli lathi, "Labo abaphunyuka eSiyoni bayokhazimula ebusweni beNkosi."

116 Ngenkathi uIsaya 5, wakhuluma ngokuthi ukonakala kwabesifazane kuyofinyelela kanjani ezinsukwini zokugcina, nokuthi kuyoba kanjani, izingubo ezingaka ababeyoba nazo, nokuthi bayozilungisa kanjani izinwele zabo, nakho konke kanjalo. IBhayibheli likhuluma lokho, uIsaya 5. "Ukuthi uyohamba kanjani egqoke izicathulo ezinezithende eziphakeme, ekhencezisa izinyawo zakhe lapho ehamba. Futhi uyowasongela ezansi amasokisi akhe amade, nezinto ayozenza; nesethi eningi yezambatho zemikhosi, izingubo, nento enjengaleyo." Futhi lathi, "Konke lokho kuyosuswa kuye, futhi uyohlala anuke, ekonakaleni." Futhi lathi, ngisho, "Abesifazane abayisikhombisa bayohwaphuna indoda eyodwa, base bethi, 'Sizozenzela umsebenzi wethu. Asithathe igama lakho nje, ukususa ihlazo lethu.'"

117 Kodwa wathi, "Kuyoba yinkazimulo engakanani ngalelogatsha elincane eliphunyuka kuzo zonke lezizinto! Kuyoba 'NGUBUNGCWELE ENKOSINI' ngalolosuku," lapho abesifazane abazelwe ngokusha ngokoqobo ngempela beyazi indawo yabo, noma bangahlekwa, futhi babizwe ngezithutha nangemfashini endala nakho konke. Kodwa, ziphathise okomuntu wesifazane, okwenenekazi! Yima njengomuntu wesifazane! Gqokisa okomuntu wesifazane! Khulumisa okomuntu wesifazane! Hlala njengenenekazi, khona impela phakathi kwakho. Yebo. Ameni. Nje, lokho kuchaza ukuthi, "makube njalo." Ungesabi. Akukulimazi. Kulungile.

118 IZwi likaJesu qobo lwaKhe lasho ukuthi kuyokwenzekani, lokho kuziveza obala okukhulu.

119 Futhi Wathi, "Emihleni kaLoti." Uma ufuna ukuwumaka phansi lowomBhalo, ngu—nguLuka 17:28. Wathi, "Babedla, bephuza. Bathenga. Bathengisa." Imvama, lezi yizinto ezivunyelwe ngumthetho. Kodwa qaphela. Futhi—futhi lokho bakusebenzisa, kodwa babeka wonke u . . . umqondo wabo kukho.

120 Futhi emihleni kaLoti, abesifazane base bephansi kabi, ngokuziphatha kwabo, baze abangabe besasetshenziswa njengoba abesifazane befanele ukusetshenziswa, kodwa baphendukezelwa, baze ba . . . Kuba ngokwansuku zonke, ukuthi abesifazane baba yinto yansuku zonke ngangokuthi, bona—bona, indoda yahlala nendoda. Impendukezela yokwemvelo emangqamuzaneni obulili yayisikuguqulile ukuma kwayo, ngenxa yokuthi abesifazane base beshibhe kabi.

121 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule ngangingaphesheya, eTucson, ngahamba ngayothenga ulofu wesinkwa. Futhi kwakukhona umfana ehlezi phandle lapho, nabafanyana ababili emotweni. Omunye ungena uzothenga ipaki losikilidi.

Umnumzane omdala osekhanda-limpunga wabheka phansi, wathi, "Abakabani labosikilidi, abakanyoko?"

Wathi, "Qhabo, owalowayamfana."

Wathi, "Ngabe usemdala ngokwanele ukuba nawo na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane."

Wabheka emuva *kanjalo*. Futhi ngangimi nolofu wesinkwa namaphayinti amabili obisi, ngibukisisa. Futhi wahamba, wathi, "Kulungile," futhi umnika wona.

Wabheka emuva kimi, wayesethi, "Ngiyakungabaza lokho."

122 Ngathi, "Angebemdala ngokwanele ukukwenza. Use kabi . . . Akamdala ngokwanele kunoma yiliphi ibanga lobudala."

Wathi, "Ngizovumelana nawe." Wathi, "Ngabe u—ngabe unesikhathi esinzima uzama ukubayeka?"

123 Ngathi, "Angikaze ngibaqale." Ngathi, "Angikaze ngiwuqale." Ngathi, "Abazali bami babebhema futhi besebenzisa ugwayi, kodwa iNkosi uNkulunkulu yangivimbela kuwo."

124 Waphenduka wangibuka ethe ukumangala, wayesethi, "Awu, ngicabanga ukuthi kuyihlazo elibolile namhlanje, ukubona ukuthi kanjani . . . " Wathi, "Kwakuvamise ukuthi, sibeke abesifazane esisekelweni." Wathi, "Sasimhlonipha. Sasethula isigqoko sethu phambi kwakhe. Sasihamba sehle ngomgwaqo, futhi abanumzane babeyaye bezwe othize ephawula ngowesifazane othize, babeyaye bamshaye ngempama bamlahle phansi." Niyabo? Futhi wathi, "Babebahlonipha abesifazane." Kodwa wathi, "Mnumzane, isifazane sesiziqhwagele khona." Wathi, "Manje abasasukumi. Babevamise ukusukuma; emotweni yomgwaqo, inenekazi liyasukuma, yonke indoda yethule isigqoko sayo futhi bamdedele ahlale phansi." Wathi "Manje sekuyafuqanwa, isixuku!" Wathi, "Sebeziqhwagele khona." Futhi lelo yiqiniso.

Leyombobo kadeveli waseHollywood ngaleya yakuveza ngaphandle kumatelevishini namaphephabhuku, into isize yaphenduka yaba ngelikhulukazi ibhodwe lokungcola. Kunjalo.

125 Ngiyazi ukuthi lesosisho asiyiso esithandwa ngabantu, kodwa yisisho esiyiqiniso. YiQiniso. YiZwi leNkosi, kanjalo futhi yisibonakaliso esiyisexwayiso ukuthi uKristu uzokuza phakathi kulesisizukulwane. Wathi, "Labo kobona lokhu kufezeka, akazukwedlula kuze kugcwaliseke zonke lezizinto." Wathi, "Kokubili amazulu nomhlaba kodlula, kodwa iZwi laMi alisoze ledlula." Yisexwayiso. Ilambu elibomvu liyabanibanika; ukuwa kwekhethini. Sisesikhathini sokugcina.

126 Sibona izibonakaliso zeNkosi uJesu iphulukisa abagulayo, ivusa abafile, ikhipha omoya ababi. Sibona a—abantu benziwa

abacwebile nabangcwele, ngoMoya oNgcwele. Sibona izimpilo ziguqulwa. Sibona izibonakaliso ezinkulu. Sibona izibonakaliso eziyinkinga ezibhakabhakeni, njengamasosa andizayo. IPentagon, abaningi babantu bekubeka kwitelevishini, bekubhala bakuchome. Abazi ukuthi bazocabangani ngakho. Zonke izinhlobo zezibonakaliso eziyimfihlakalo! INkosi uJesu yehla isesimweni seNsika yoMlilo, sinesithombe saKhe esithathiweyo, ehlala phakathi kwethu, efakazisa ukuthi Unguye izo-. . .

127 Sibona zonke lezizinto zenzeka. Sibona ukubanda kwebandla. Sibona ihlelo likhula. "Nxa nibona umkhiwane, nayoyonke eminye imithi iveza amahlumela ayo," amaJuda ebuya. "Umkhiwane," amaJuda ebuyela esizweni sakubo, izwe lawo uqobo. Sibona amaPresbyterian, amaMethodisti, amaBaptisti, iLuthela, amaPentecostal, onke amabandla, "ehluma amaqabunga awo," *imvuselelo*. Wathi, "Lungani! Yilesosikhathi." Nxa sibona lokho kufezeka, kulapho uNkulunkulu elungiselela ukubiza abaKhethiweyo baKhe. Bese nxa u. . .

Esinye isibonakaliso. Wathi, "Nxa nibona abesifazane beya ngokubukeka ngalokhu okwedlulele, nxa nibona amadodana kaNkulunkulu ezithathele nabafazi, futhi azithathela abafazi, futhi enza *lokhu*, *lokho*, kumbe *okunye*," wathi, "yazini ukuthi leso yisibonakaliso." Nakhu lapha esikhona.

128 Manje, okunye futhi engikulobe phansi. Khumbulani amadodakazi kaLoti amabili. Yebo, siyakukhumbula lokho, ezansi emzini waseSodoma. UJesu wathi lapha, kuLuka 17, "Njengokuba kwenzeka emihleni yaseSodoma." Khumbulani, lokho, amadoda ayebasebenzise ngendlela engalungile kabi abesifazane ngangokuthi kwaze kwathi isenzo semvelo sokuphila asangabe sisanxaneleka. Futhi, o, kubi kabi ukusho lokhu emsamo, kodwa lokhu yi. . .Lake labakhona iQiniso, kufanele lihambe lisuka lapha. Futhi kubi kakhulu, namhlanje, kuze kubekhona amashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zabo, kwande ndawo zonke, ukuphendukezela, abaseSodoma, njengoba kwakunjalo ngalolosuku. Ngoba ukusebenza kwemvelo yokuphila komuntu ukuba bazizale phezu komhlaba sekuphathwe kabi kakhulu, futhi kwaqhubeka kakhulu ngendlela okwenze ngayo, ngangokuthi ukunxaneleka kwakho kwehluleka ngokushesha. Ngizothi, phakathi kweminye iminyaka elishumi kumbe elishumi nanhlanu kuzobe sekwedlule, cishe, ngendlela okwanda ngayo manje.

129 Iziphawulo ezinkulu. Benginokuthize okuvela kuEdgar Hoover ngalokho, kodwa angazi. . .Bengicabanga ukuthi benginakho kubekwe lapha, kodwa anginakho, ngalokho akushoyo mayelana nakho. Futhi manje siyazithola lezizinto. O, he!

130 UJuda, kweyakhe encane, iNcwadi enkulu, ngiyibiza kanjalo, evesini 7, ake silifunde nje. Ngifuna ukufunda lokhu. UJuda, kwelesi 7. Lena yiNcwadi yokugcina ngaphambi kweNcwadi yeZambulo. Nginakho kumakwe phansi lapha, uJuda 7, ivesi 7. Owesilisa nowesifazane bethula izifungo zomshado, bayazephula, belandela inyama imbe! Lalelani.

> . . . *ngokuba iSodoma neGomora, nemizi yangakhona, yenza ubufebe, ngendlela efana neyayo yalandela inyama imbe*, . . . (Niyabo? O,) ubufebe, *yalandela inyama imbe, imisiwe ibe*-yiziboniso, yoku*zwa*, ne*sijeziso*, ne*somlilo omiyo njalo. Lokho okungukuthi, ukuqedwa nya nokususwa*.

131 Lapha esikhathini esingeside esedlule, eLos Angeles, ngangilindile, kumbe ngangiphumele ezinkundleni zekamu. Ngangigibele ngenyuka ngomgwaqo. Futhi i—inenekazi elincane, intombazanyana ebukekayo, ibukeka impela, yayenyuka ngomgwaqo. Futhi ngacabanga, "Kusho ukuthi iya embukisweni." Futhi yayigqoke izingutshana eziphethiwe, nje cishe—cishe isithupha- kumbe amayintshi ayisishiyagalombili ububanzi ukunquma kwingaphambili layo, nemincane emithathu- kumbe imiklezo engamayintshi amane. Futhi yenyuke iye phezulu emzimbeni wayo, ichashazana, okwakwenele nje ukuthi wawungakwazi ukuvimba bese ukuvala konke ngci ngesibhakela sakho, kulenga kunqume kuyo *kanje*. Igqoke isigqoko samakhawa, namabhuzu enentshakaza. Futhi ikhanga ngempela, ngangibona noma yiyiphi insizwa yayishishilizisa amabhuleki nakho konke, ukuba ime kuyo, ihamba itshikiza enhla nomgwaqo.

132 Futhi ngangilungela ukujikela enkundleni yekamu, futhi ngenyukela ngasezinkundleni zekamu. Futhi ngaqala ukuphenduka, ukuba ngibuyele emuva. Ngacabanga ukuthi ngizoma, ngithi, "Nkosazana, ngifisa ukukhuluma nawe eGameni leNkosi yethu uJesu Kristu. Noma uyintombazane ebukekayo, akukho-kungabaza ngalokho, noma unomzimba omi kahle mhlawumbe onga . . . Wena, ufuna ukuzwa amabhuleki ekhala. Uyaqonda yini ukuthi lowomoya okwenza wenze lokho uyokuqhubela esihogweni sikadeveli lapho oyohlupheka khona iminyakanyaka ezayo na? Uyaqonda yini ukuthi lokho kubukeka, umzinjana obumbekile, nalezozihlathi ezilungiswe kahle nezinwele, nokunjalo, nezindebe ezibomvu, mhlawumbe e—ezinyangeni ezinye eziyisithupha izimpethu ziyobe ziphethuza zingena ziphuma kulowomzimba obumbeke kahle, uphandle lapha othulini na? Nalowomphefumulo ohlezi phakathi lapho, namhlanje, uyobasekuhlupheni kukadeveli."

133 Kwase kubakhona okungimisayo, sengathi uNkulunkulu wayethi, "Uma wenza lokho, bazokubopha ngaleya ezansi ejele." Niyabo? Nakho lapho okhona. Ngase-ke ngibona uBilly ephuma

futhi eqhweba, kwase kuyisikhathi sokuza. Ngiyabezwa becula u*NgokuKholwa*.

134 O, he! Abantu bangaloywa kanjani yinto enjengaleyo na? Yingoba bedelela iZwi likaNkulunkulu.

135 Futhi enye into, ngabefundisi emva komsamo, ozihlanganise kulezizinhlangano, ofunda Lokho futhi oKwaziyo, benqatshelwe ukusho noma yini ngaKho, ngoba bayobephuca ibandla labo khona lapho. Namabandla afuna amalunga. Kodwa uNkulunkulu ufuna abangcwele abazelwe ngokusha bakaNkulunkulu ophilayo, abazokhanya njengezinkanyezi. UNkulunkulu asisize sibeqotho futhi sikhulume iQiniso, kulokho uJesu Kristu akushoyo. Kodwa lolo wusuku esiphila kulo. Lokho yizibonakaliso uJesu athi ziyobakhona, futhi sikubona phambi kwethu impela.

136 Buka manje, noJuda isahluko 7 futhi, "iSodoma neGomora." O, he, into embi kangaka pho! Ukungagani kwabesifazane, "belandela inyama imbe." Indoda eganwe ngumkayo, aba—abasebabili, sebemunye. Nendoda eyophuma igijimele omunye wesifazane, ngokuzenzekelayo izahlukanisa nomkayo. Nowesifaza ophuma agijime neny'indoda, ufile kumyeni wakhe. Uphike inyama yakhe uqobo; uzinqume wazehlukanisa naye. Kunjalo. NgoSuku lokwaHlulelwa, uyoziphendulela ngakho.

137 Kodwa namhlanje abafuni ukuzwa uMlayezo onjalo. Abantu abafuni ukuzwa Lokho. Bafuna ukukitazwa ezindlebeni zabo. Khona impela uMoya oNgcwele owangitshela khona ngosuku engabeka ngalo itshe legumbi lapho, washo ukuthi:

> *Shumayela izwi; uqinise noma kuyisikhathi, noma kungesiso isikhathi*; . . .
>
> *Ngoba kuyakuba-khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isifundiso esiphilayo; kepha ngokwezinkanuko zabo bayakuzibuthela* ndawonye *abafundisi, njengokubatshwa kwezindlebe zabo;*
>
> . . . *baphambukele* besuka eqinisweni, baye *ezinganekwaneni*.

Wathi, "Ngenkathi umbono usisuka, ubofunda uThimothewu wesiBili 4." Wathi, "Ungakhohlwa, uThimothewu wesiBili 4!" Futhi ngenkathi umbono ususukile kimi, ngimi khona lapho eMgwaqeni u 7, ngingumfana oneshumi nesishiyagalolunye leminyaka ubudala ngimi lapho, iPhimbo likaNkulunkulu lakhuluma lezwakala ekamelweni, futhi Wathi, "UThimothewu wesiBili 4." Yilokho impela okuphenduke kwaba yikho. Niyabo? "Kuyakuba-khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isifundiso esiphilayo."

138 Abantu bafuna okuthize. AmaPentecostal afuna okuthize okungawambambatha emhlane, futhi awayeke aziphilele ngendlela ayifunayo. Futhi bangadlala upiyano balushaye

kamashumi amane ngomzuzwana, futhi bagxume phansi-naphezulu, futhi basine ngakho; nabesifazane benze ngendlela abayifunayo, nendoda indlela efanayo. IPresbyterian, iMethodisti, iLuthela, neBaptisti, mningi umuntu oqotho kuzozonke lezozinhlangano. Kunjalo impela. Kodwa leyonqubo ibabambe phansi ngqi, baze bacabange ukuthi inqobo nje uma bengabalelobandla, negama labo likulezozincwadi, ukuthi baqonde eZulwini. Igama lakho encwadini lapha emhlabeni, akuchazi *lokho* kuNkulunkulu. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Igama lakho limele lilotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngeGazi likaJesu Kristu, ukwazi ukuthi izono zakho zithethelelwe. Kunjalo.

139 Kodwa bafuna lolohlobo. Yilolohlobo labefundisi abalufuna phakathi. Abafuni lutho olunye. Futhi lapho uNkulunkulu kulolu izinsuku zokugcina unyakazise sonke isiphiwo sikaNkulunkulu esinconyiwe eBhayibhelini, sonke isiphiwo uJesu Kristu asethembisayo, sonke isiphiwo, futhi sonke isibonakaliso, naso sonke isibonakaliso sesikhathi sokugcina. Konke okwethenjiswa kuleliBhayibheli, ngokubona kwami, qobo lwami, sekuvele kunyakazisiwe phambi kwesizwe, futhi ungena shi uqonde esihogweni uhamba ngelikhulu ijubane. Ubatshele? Bayoqhubeka bagijime, noma kanjani.

Ake ngithole nje eminye imiBhalo embalwa lapha ngaphambi kokuvala. Kulungile. O, "Kubheke phambili ekubhujisweni kwaPhakade," yilokho abayikho, kusho iBhayibheli.

140 Lesisizwe sikulokhu kubola okufanayo. Lokhu kubola okufanayo kokuhlalisana kwabantu, lesisizwe sikukho kulobubusuku. Niyakwazi lokho. Akusilo ihlaya. Akusiyo inzwabethi. YiQiniso. UGenesisi 6:12, "Inyama yonke yonakele, umuntu wayehamba ngendlela okungeyakhe," ekucabangeni okungokwakhe, enganaki imithetho kaNkulunkulu. Yileyondlela umuntu enza ngayo namhlanje. Umuntu akafuni ukuzwa iZwi likaNkulunkulu. Abantu abafuni ukuLizwa. Bafuna ukuhamba ngendlela okungeyabo.

141 UJezibele wala ukuzwa iZwi leNkosi. Wayengafuni ukubiza lowomshumayeli omdala obukeka engacacile, uElija, umfundisi wakhe. Kodwa wayengumfundisi wakhe, noma kanjani. Kunjalo. UNkulunkulu wamthuma, futhi wawukhipha ngesankahlu umlayezo wakhe. Nakuba engafundile, abazi ukuthi uvelaphi kumbe wayaphi. Wafika enkundleni neZwi leNkosi. Wathumela umlayezo wakhe, awushumayelayo, futhi walahla konke okwakukhona, okubizwa ngesono. Lokho, lowoJezibele wesimanje manje, wayeseguqule futhi waloya abantu ngaphansi kokuloya kwamandla akhe saze sonakala sonke isizwe, noElija wema yedwa qekelele lapho entabeni. UNkulunkulu wathi, "Elija, ungakucabangi lokho. Nginezinkulungwane eziyisikhombisa ezansi lapho

ezethembekile enhliziyweni, namanje." Lowo ngumdonso wakhe wesibili, nowesithathu wabuyela emuva waba ngowabo.

142 Kodwa khumbulani, uNkulunkulu waba ngonomusa, futhi U—U . . . Nomlayezo kaElija wasilahla lesosizukulwane esingakholwa. Umlayezo kaNowa wasilahla lesosizukulwane, futhi waletha ukwahlulela kulabo abala ukuwuzwa, nokukhululwa kulabo abawukholwayo. "Futhi njengasemihleni kaNowa, kuyakuba-njalo ukufika kweNdodana yomuntu."

143 UGenesisi 6, benganaki imithetho kaNkulunkulu! Bathi, "Imithetho kaNkulunkulu?" IZwi likaNkulunkulu liyasho namhlanje, eBhayibhelini!

Manje lalelani, angisho lokhu kunoma yimuphi umuntu ngayedwa. Kuphela ngibophezekile, njengomfowenu. Ngibophezekile ukunitshela iQiniso lonke, njengoPawulu oNgcwele omkhulu washo ngaphambi kokumuka kwakhe, "Angigwemanga ukunitshela lonke icebo likaNkulunkulu."

144 Manje, iBhayibheli liyasho, namhlanje, ukuthi abesifazane abafanele ukugunda izinwele zabo. Angikhathali ukuthi bangaki abashumayeli abathi lokho kulungile; kuliphutha. Angikhathali ukuthi mangaki amabandla elikumelayo; iBhayibheli lilokhu lishilo ukuthi kuliphutha. "Kuyihlazo kuye ukuba enze njalo." Kodwa bayaqhubeka nokukwenza, noma kanjani, bayaqhubeka. Benzani na? Emqondweni wabo ngqo, bezenza bona uqobo babukeke, bacabanga ukuthi bayabukeka.

145 IZwi likaNkulunkulu liyexwayisa, akayikuzenza lezizinto. "Akayikugqoka ingubo, kumbe ibhulukwe, kumbe noma yini engeyowesilisa," kodwa uvele aziqhubekele nje ngokufanayo. Uzame ukumyekisa?

"Ngakho, umpongolozelani-ke pho, Mfowethu Branham? Uqhubekelani na? Ngani, abantu abanjengawe kungcono uma ubunga . . ." Angikhathali, lokho. Ngiyakukhathalela ukuthi abantu bacabangani. Manje ningangizwa kabi. Kodwa ngithakasela lokho okucatshangwa nguNkulunkulu, futhi *leli* yiZwi laKhe.

Yebo, mtshele ukuthi kuliphutha ukwenza lokho, uyovele aziqhubekele akwenze, noma kanjani. Niyabo? Ngani? Abesifazane ezweni lonke elinenkolo yamaKristu bayazenza lezizinto, nebandla libonakala lingazihluphi ngakho. Kungani na? Amadodana kaNkulunkulu iwele enkanukweni yenyama yabesifazane negazi, futhi baphika yena impela uNkulunkulu neGazi elabathengayo, ukubehlukanisa nalezozinto ezingcolileyo. Ameni. YiQiniso lelo. Ngakho ngisize Nkulunkulu, yiQiniso.

146 Uzame ukumyekisa? Ucabanga ukuthi intshumayelo kaNowa yake yaba nakho ukuvimba? Qhabo, mnumzane. Kodwa kuyini na? Yiphimbo, iPhimbo. Futhi lapho sonke sesibizelwa ekwaHlulelweni, wona impela uMlayezo engiwushumayelayo,

kulobubusuku, uyohlangana nami khona lapho, iZwi ngeZwi. Futhi pho-ke uzokwenzenjani na? YiLambu elibomvu elibanibanikayo.

147 Kwakukhona isikhathi, okhanda-limtshelokwakhe phakathi kwabesifazane. Sizo...Sizobeka nje lokhu, ngenxa yalokhu kungabesifazane. Futhi niyamangala ukuthi kungani ngihlala ngimpongoloza ngalokhu. Manje ngizobeka, ngithole inqwaba—inqwaba yemiBhalo ephonswe phakathi lapha ngaphambi kokuvala, futhi nginikhombise ukuthi kungani. Futhi yingalesosizathu ngifanele ngihlale ngokweqiniso kuleliZwi, futhi yonke inceku kaNkulunkulu ifanele ihlale ngokweqiniso eZwini. Ufanele uhlale, ngoba kuzobakhona iphimbo ndawo ndawo elimemeza kakhulu limelene nakho. Angikhathali ukuthi lonke iningi labo lenzani; awubophezekile kubo. Uphendula ngawedwana. Awuphenduli njengeMethodisti, awuphenduli njengeBaptisti, kumbe iPentecostal. Uphendula ngawedwana, kuNkulunkulu, ngempilo okungeyakho.

148 Futhi sibona lezizibonakaliso, kepha nokho bayaqhubeka bekwenza. Mtshele ukuthi kuliphutha, ubone ukuthi uthini. Ukhanda-limtshelokwakhe! Yilokho impela okwenziwe nguEva. UEva wayazi kahle kamhlophe ukuba angenza lokho. Ngabe wayazi? WayeneZwi likaNkulunkulu. Wathi, "Mhla udla kuwo, ngalolosuku uyafa." Pho, wakwenzelani na? Wayefuna indlela okungeyakhe. Futhi kungani abesifazane beyogunda izinwele zabo; kungani abesifazane beyogqoka lezizingubo, neBhayibheli lisho ukuthi yilokho impela nje abafanele ukukwenza na? Nento abayenzayo, bonke balahliwe. Impela. Kodwa ukwenzelani na? Ungesingaye. Yebo, mnumzane. Uzoba nendlela okungeyakhe. Nebandla alisho lutho ngakho. Nebandla lifanele ukuba nguMlobokazi kaJesu Kristu, futhi alisho lutho ngakho na?

149 Tshela oyedwa wabo ngakho, uyazi ukuthini bathini? Ngangokuthi, "Akukho-Bhayibheli elidala elizoma endleleni yami lingivimbele ekuzijabuliseni." Manje impela nje. Ubatshela ukuthi kulotshiwe eBhayibhelini. O, bangahle bangawasho lawomazwi, kodwa yiwo akuzwakalisayo.

Senake nasizwa isisho esidala, "Izenzo zikhuluma kakhulu kunamazwi"? Yebo, manje-ke, kuyenzeka na? Izenzo sikhuluma kakhulu kunamazwi. Akunandaba ukuthi uthini, impilo yakho—yakho ikhuluma kakhulu baze bangabe besakwazi ukuzwa ubufakazi bakho. Njengoba ngishilo namhlanje ekuseni, gxuma nje uphakame ulingane nendlela ophila ngayo. Niyabo? Izenzo zakho sikhuluma kakhulu kunamazwi akho. Futhi ngokunjalo nawe ungahle uphume ukusho, ngoba amazwi okungawabo ayakhuluma. Amazwi akho—akho, akunandaba ukuthi yini, izenzo zakho sikhuluma lokho—lokho oyikho.

Uma ukhuluma noma yini eyehlukile kulokho wena ngempela oyikho, kuba ngukuzenzisa. UJesu

wathi, "Nina bazenzisi! Ningakusho kanjani okuhle, nxa okuphuma enhliziyweni kukhuluma, okuphuma enhliziyweni kukhulunywa ngumlomo?" Niyabo, babesho into ababengayiqondile.

Nabesifazane ngokunjalo, ngukukusho, o, he, "Ngibe nokuzijabulisa okungokwami."

150 Kwenzekani na? Emshadweni . . . Nansi enye indawo eBhayibhelini. Emshadweni kuphuma isifungo, "lalela." Lalela? "Ophatha kahle ikhaya, omhlophe, wemisebenzi emihle."

Usuke akwedelele bese eziyela endlini yamahlaya, ihhovisi lomunye. "Umyeni wami . . . " Yebo. O, ngiyakungabaza lokho.

Nibona imibutho namhlanje, ichilo elingaka pho, bafaka abesifazane embuthweni wamaphoyisa. Uma . . . ? . . . akusilo yini uphawu lo—lokonakala phakathi kwanoma yiliphi idolobha! Njengoba isilisa esiningi seswele umsebenzi, futhi babeka abesifazane phandle lapho, lapho iBhayibheli lathi ufanele a"hlale ekhaya futhi abe ngophatha kahle ikhaya omhlophe." Kodwa uphatha onke amabhuku kabasi, nawakho, futhi. Yebo. Kunjalo.

Angikhulumi ngabesifazane abalungileyo manje. Anginijikijeli ngalokhu nina besifazane abangabesifazane abamesabayo uNkulunkulu ngempela. UNkulunkulu anibusise. Lokho kuseteyipini, kumbe noma yikuphi futhi.

Kodwa ngikhuluma mayelana, lapho othola oyedwa onjalo, uthole amakhulu alishumi nanhlanu engenye indlela. Bangeke balilalele iZwi. "Gcina iBhayibheli lakho! Zishumayeze Lona wena. Asifuni ukuLizwa." Lalela? O!

151 Angahle asho lokhu, "Xoxa izindaba zakho zeBhayibheli komunye. Gcina uNkulunkulu wakho komunye, futhi ungiyekele phansi mina. Ungimpongolozela ini mina? Angikaze ngikucele ukuba usho lezizinto." Ngiyazi, kodwa uNkulunkulu wakwenza. Niyabo? Ngakho yilokho kuphela.

152 Ngakho basayonakalisa indlela. Njengoba nje benza emihleni yeNkosi, njengoba nje benza ngalolosuku, bakanjalo nanamhlanje, kuyafana nje. Akukaguquki. Akuguquki. Akunakuguquka.

153 Ubuhlongandlebe bentsha ekugcineni buthola abantwana bakhe. Ijele lithola inxenye yabesifazane nesilisa, futhi isihogo sithatha konke, kunjalo impela, ekugcineni sibagwinya bonke. Nentshumayelo ibonakala yeqa ngaphezu kwemihlane yabo. Abalokothi baLilalele. Bazoba nokungokwabo. Ungabatshela ukuthi iBhayibheli lisho *Lokhu*. Bathi, "Gcina iBhayibheli lakho. Sizoba nokuzijabulisa kwethu."

154 Ngiyabezwa abanye benu bodade besho manje, mhlawumbe hhayi njengamanje, kodwa nginizwa nithi, "Ubani, mina ngilalele umyeni wami? Ha! Ngimenza alalele mina." Kodwa

kulapho-ke osephutheni khona. “Ngihlale ekhaya, ngibe-mhlophe? Angikhathali ukuthi iBhayibheli lithini ngakho, awungiyekele phansi!” Lalela, dade, lokho kwakungekho phakathi, emuva ngeziKhathi zoBumnyama, lelo yiphimbo lanamhlanje. Lokho akuzange kwenzeke kakhulu kangako emuva ngaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi, kwenzeka namhlanje futhi. Lokho yinto efanayo.

155 Baphinde bathi, “Ngingowesifazane wesimanje manje. Ngihlala eMelika.” Yebo, lokho akwehlukene nokuthi uhlala ehhokweni lezingulube. Kungenze nomncane umehluko kuNkulunkulu lapho owawuhlala khona. Uyilokho oyikho enhliziyweni yakho. Kunjalo. Futhi ungacabangi, dade, ukuthi ungowesimanje manje kakhulu, ukuthi ungomunye walaba besifazane abayisimanje manje, njengoba ufuna ukusho namhlanje. Ungowakude emuva le, ngokwaleliBhayibheli, ezikhathini zobumnyama, esikhathini sangaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi. Esikhathini sikaNowa, kungaleyonkathi lapho benza khona into efanayo. Ngakho awusiye owesimanje manje kakhulu kangako, eqinisweni, unguye na? Niyabo? Yileyondlela ababeziphatha ngayo ngaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi. Niyabo? Futhi yileyondlela abaziphatha ngayo namhlanje, ngakho kufanele kube yisikhathi sobumnyama futhi, emuva ebumnyameni obukhulu ngaleya.

156 Futhi wena ndoda ozovumela umkakho akwenze, anisesiwo amadodana kaNkulunkulu. Qhabo, nathi ukuwa eSodoma, kunjalo, nivumela abesifazane bajike babe ubasi kini. O, he!

Angazi noma ngikusho lokhu noma qha. Kungcono ngiyedlule lengxenye. Kodwa . . . Kulungile. Lokhu kubi kakhulu.

157 Kodwa konke kulonyaka esi . . . ? . . . Niyalibona ilambu elibomvu likhanya, libanibanika na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.]

> Icilongo leNkosi liyokhala, nesikhathi asisayikubabikho,
> Nokusa kuyophuma iPhakade, elikhanyayo nelibalele;
> Khona abakhethiweyo baKhe bayobuthana (bevela othulini lomhlaba) baye eKhaya labo ngaphambili kwesibhakabhaka.

O, yeka lolosuku oluyoba yikho! Kulungile. O, yebo!

158 Ubuye uyongena eSodoma na? Ungakhathazeki, ikhona iA-bomu elindele ukuhlanza konke, kunjalo, ihlanze izwe lonke. Iyokwenza. Liyobe-ke selenziwa lonke busha futhi, njengoba sibonile ngaphansi koPhawu lwesiThupha, ubengowesigejana sabantu abahlengiweyo esemukele iNkosi uJesu, esibe ngumKristu, esithengise ngeminako yaso nezimfashini zaso

zalelizwe, futhi seza kuJesu Kristu, futhi sibuka Yena futhi Yena yedwa; ekuthobeni kwaKhe, uhlelo olulula, ukuza sikholwe nguYe, futhi semukele ukuPhila okuPhakade. Futhi uma uthi unokuPhila okuPhakade, futhi ungavumelani naleliBhayibheli, ukuphila okuphakade kwakho akusikho ukuPhila okuPhakade uNkulunkulu akuphayo. Udukisiwe, ngukufa, futhi hhayi ngokuPhila. Kunjalo.

159 Manje, o, "Yesabani uNkulunkulu futhi nigcine iZwi laKhe, ngokuba lokhu kungumyalo ogcwele." Amalambu abomvu ayabanibanika, nesikhathi sesifikile. Njengasemihleni kaNowa, niyabo, bathatha into evunyelwe ngumthetho bayiphendukezela. Bathatha ukudla, futhi bathatha ukuphuza, futhi babeka isakhiwo, futhi babeka zonke lezi ezinye izinto, futhi bakuphendukezela. Manje, uJesu usibheke ukuba sakhe ikhaya, niyabo; kodwa awubheke ukuthi sekwenzekeni phakathi kulokho. Ukudla, Usibheke ukuba sidle, kunjalo; awubheke ukuthi sekwenzekeni phakathi kulokho. Ukuphuza, sibhekeke ukuba siphuze amanzi ethu futhi noma yini esifanele sikwenze; kodwa, esikhundleni salokho, sebekuthathe bakungenisa eziphuzweni notshwala, nakho konke, notshwala obuyingxubevange, bengenisa abesifazane babo. Niyabo?

160 Futhi kuthiwani-ke ngokwanda kwenani labantu, njengasemihleni kaNowa? Kuthiwani ngobuhle babesifazane banda njalonjalo, kakhulu kakhulu? Niyabo? Ilambu elibomvu!

Kuthiwani-ke ngesikhathi lapho abesifazane beyofika khona, lapho beyoba ngendlela ababeyiyo, "abanamawala, abakhukhumele," nakho konke, wawungeke ubatshele lutho? Bashumayeze iZwi, bayovele baqhubeke bakwenze noma kanjani. Niyabo?

Kuyokwenzekani na? Njengakhona impela nse emihleni kaNowa. Ngelinye ilanga, umnyango womusa uyovalwa. Khona-ke umBhalo uthi, "indlu engcwele ithunqa intuthu," lokho kuchaza ukuthi uMkhulumeli usephumile kuyo. Futhi inqobo nje uma iWundlu lisekhona emuva lapho . . . Njengoba ngishilo namhlanje ekuseni, kumbe ndawo ndawo lapho engangishumayela khona, ukuthi, inqobo nje uma iWundlu lilapho ukukhulumela, usekhona umusa. Kodwa siqiniseko sini esinaso, nxa sibona isitimela sesivele siyavulelwa, nxa sibona uKuza kweNkosi, ukubanibanika kwelambu na?

161 Ngingakhuluma kakhulu ngezinto ezehlukile njengoba sazi ukuthi Wethembisa ukuzenza lapha ngemihla yokugcina, futhi siyakubona khona impela phambi kwabo. Futhi-ke siyasibona lesisifundo kulobubusuku, belinye ilambu elibomvu libanibanika, lokuqhubeka phakathi kwabesifazane bakithi, nezinto ngendlela abazenza ngayo. Siyakubona kuyakhomba, zonke—zonke izigxobo zophawu lwamamayela, yonke into, zonke izinalithi, zonke izinkomba-ndlela, kubekwe kwaqonda

ngqo eKuzeni kwaKhe. Sisekugcineni. Akukho lutho olunye engilwaziyo oluzokwenzeka kepha uKuza kweNkosi.

162 Futhi-ke, mngane wami othandekayo ongaphandle kukaKristu, ucabangani ngalokhu na? Ngabe uphumule nje . . . Qiniso, mngane, ngifuna ukukubuza umbuzo olula. Ngabe uphumulele phezu komuzwa wakho omncane obunawo, kumbe okunye, mhlawumbe, okuthize obunakho na? Mhlawumbe wake wajabula ngesinye isikhathi futhi wasina indawo yonke, njengobuningi babantu abanobungcwele namaPentecostal, namaNazaretha, nePilgrim Holiness. Bakholwa ukuthi uma bejabule ngokwanele ukuba basine, ukuthi lokho Kuyikho. Bese-ke ugunda izinwele zakho, ugqoke izikhindi? UMoya oNgcwele ubungakwenza yini wenze lokho, lapho Ekulahla eBhayibhelini na?

163 Kuthiwani-ke ngawe othi, "Kuhle, ngingowebandla. NgiyiPentecostal. NgiyiMethodisti, kumbe noma ngabe ngiyini. Ngililunga! Umama wami ulilunga elinikezwe ilungelo lebandla. Bengililunga elinikezwe ilungelo"? Futhi wona lowomoya ophezu kwakho ukwenza wenze izinto leliBhayibheli elizilahlayo ukuba wena uzenze. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti—Umhl.] Niyabo?

Wena uthi, "Ngikhulume ngezilimi, Mfowethu Branham. Manje, ungakubambi lokho. Ngakhuluma ngezilimi, futhi lokho kungubufakazi bukaMoya oNgcwele." Uma impilo yakho . . . Uma ungabe usalokhu ugunda izinwele zakho, uma ungabe usazenza lezizinto iBhayibheli elithi azingenziwa; ungakhuluma ngezilimi imini yonke nobusuku, futhi kusalokhu kungahlanganise lutho noNkulunkulu. Isihlahla saziwa ngesithelo saso.

164 Sengigugile. Ngiyakwazi lokho. Usuku ngalunye ngithola ukuqaqamba okusha nobuhlungu. Sonke senzenjalo. Ufanele phela ukhulume iqiniso. Ngacabanga, "Nkulunkulu, ungangivumeli . . . "

Enye yezinto ezilusizi kakhulu, ngukubona indoda kumbe owesifazane ongakaze amemukele uKristu, futhi ophile waba yilunga elidala lasendulo lebandla, elideleleke ukwedlula uSathane uqobo lwakhe, futhi umbone phandle laphaya, nento ethize endala ecinene, "Yebo, ngiyakutshela, angikholelwa e . . . " UNkulunkulu zange . . . Lokho yi—lokho yi . . . Lowo ngumqhele omubi kunayo yonke uSathane angaqhelisa ngawo impilo. Owesifazane omdala osolayo, othi akabe neminyaka engamashumi ayisithupha kumbe amashumi ayisikhombisa eminyaka ubudala, namanoni elengela phansi ezingalweni zakhe, nemibimbi kubo bonke ubuso bakhe, nezinwele zakhe ziphungulwe zonke, ziyimibala emine kumbe emihlanu eyehlukene, futhi eziqhenya phansi egqoke izikhinjana;

uma lokho kungesikho ukuqhelisa kukaSathane, angikaze ngikubone, kumbe indoda ethize endala ecinene.

165 O Nkulunkulu, ngiyazi ngi . . . Ngiphe umusa ukuba ngingakhonondi neze. Futhi ngifuna impilo yami, Nkosi, ngifuna impilo yabantu bami . . . Nkulunkulu, siphe ukuba impilo yethu iqheliswe, akunandaba noma sihlupheka, noma ngabe kwenzekani, ukuthi bangaki kongiphendulayo.

Ngazi lento eyodwa empilweni yami, njengoba ngiya ngokuguga, bangane bami, umfudlana emva kwami, uzosheshe unciphe, kancane kancane, lapho ngehla ngomgwaqo. Futhi ngazi into eyodwa, kuzofezeka emva kwesikhashana ukuthi akuzukubabikho muntu ozoza kimi futhi athi . . . acele iseluleko kimi. Labo abangaziyo ezinsukwini zobusha bami bayobe sebezihambele, uma ngizophila. Abangane bami bazoya ngokuncipha ngokuncipha, njengoba ngiya ngokuguga manje.

166 Futhi ngiyazi ukuthi langa limbe ngizokufa. Ngethemba ukuthi uNkulunkulu ngeke neze avumele uSathane angiqhelise njengesicinani esidala, indoda enganaki, nomkami abe ngowesifazane ongumbeleseli omdala, kumbe umkakho, kumbe wena ngaleyondlela. Ngiyakhuleka, mfowethu, ukuthi izimpilo zethu ziyoqheliswa ngezithelo zikaMoya; uthando, ukujabula, ukubekezela, ububele, ukukhuthazela, iQiniso, ukukholeka, kuMoya oNgcwele.

167 Impilo yami iyancipha. Cishe eminyakeni engamashumi amathathu nanhlanu eyedlule ngama epulpiti lapha, njengomfanyana. Kulobubusuku sengingendala impunga ezinweleni, futhi nginempandla, ihlombe eliqhothile; sengivithikile. Impilo yami iyaphela, nezintanjana seziyadleka engihamba ngazo. Njengoba ngiqhubekela ezansi nomfudlana, abangane bami baya ngokuncipha. Futhi emva kwesikhashana kuzofika endaweni, mhlawumbe, lapho engi— engingasekuwajabulela amaculo njengoba ngangenza; futhi mhlawumbe abazukulu bami, abantwana bayothi, “Musa ukwethusa umkhulu.” Kungahle kufike kulokho uma ngiphila.

168 Khona-ke ngiyoza ngehle ngize ngingabe ngisakwazi ukusukuma esihlalweni sami. Khona-ke ngokunye ukusa inkungu iyofika endlini, ngiyoqhweba ngapheseya komncele, ekufeni, ukuba kuze kungithathe. Angangithatha kuphela ngesandla angiholele ngapheseya eNkosini yami. Akasuye umshayeli wami oyisigqila. Angisiso isigqila sakhe. Uyisigqila sami. UKristu wanginqobela ukufa. Futhi yinye kuphela into angayenza, ngukungidonsela eBukhoneni boMenzi wami, “Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa.”

169 Isikhashana nxa umama eselungela ukuba-nengane, uyaqaphela, angikhathali ukuthi ubenesihluku kangakanani, nokuthi ubedelela kanjani. Uyazi, isikhashana ngaphambi kokuba leyongane izalwe, umama uba nobubele. Kungani

na? Nxa leyomisishana kulesosizalo idikiza futhi igxuma kanjalo, kukhona umzimba wasezulwini owulindele. Futhi uma sekuphuma kunina, udokotela kumbe umbelethisi, noma ngabe ubani uyakucosha futhi akwethuse, akuthwansule, akunyakazise, kumbe okuthize, bese-ke kubamba umphefumulo wokuphila. Nomoya omncane wobungelosi ufika ungene kukho, umphefumulo wokuphila, futhi kuba ngumphefumulo ophilayo. Futhi nxa sinoKristu enhliziyweni yethu, futhi uKristu abe luqobo enhliziyweni yethu, yingane encane. "Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa . . . "

170 UJesu wathi, kuJohane 14. Sengivala, ngizosho lokhu. Wathi, "Izinhliziyo zenu mazingakhathazeki; uma nikholiwe nguNkulunkulu, kholwani Yimi. Ngokuba, eMbusweni kaBaba waMi kunedokodo eliningi. Ngiyonilungiselela indawo." Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo elinye. "Ngiyonilungisela indawo, ukuba lapho Ngikhona, nibekhona nani." Ufuna ukuba naYe.

171 Khona-ke ngiyazi, lapho lomntwanyana ekhala, ngokuba ukuzalwa okusha sekubumbekile; lapho konke okunye ukuphila kuhlakazeka, konke ukuphila kokufayo nakho konke sekuhambile, khona-ke kuyothatha okuthile ukungethusa, futhi kuthatha ukufa. Ukufa kukunika ukwethuka, nxa kukushaya, kodwa kuphela kukuzala kabusha eMbusweni omusha, ngapesheya kwelinye icala lapho khona kungekho-kugula, ukudabuka, akukho nyaka omdala, kumbe lutho. Nkulunkulu sisize.

172 Kanjani, mngane, ungake ulokothe udicilele phansi into enjalo, ubona ukuthi akusekho mathemba ezweni, ngaphandle kukaJesu Kristu? Amalambu abomvu ayabanibanika.

Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyavuka,
Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo;
(abesifazane begunda izinwele zabo, begqoka izikhindi; ilambu elibomvu liyakhanya, niyabo)
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;

"Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."
Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ngukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, isibani senu silungisiwe sahlanzwa,
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu sekuseduze!

173 NgiyaMthanda. Ngifuna niMthande. Futhi sisakhothamisa amakhanda ethu okomzuzwana nje, ngezwi lomkhuleko, sengivala. Amalambu abomvu ayabanibanika. Uphawu luyakhanya. UKuza kweNkosi sekufikile. Ikhuluma esizweni.

Ikhuluma kubantu. Ikhuluma ngezibonakaliso nezimangaliso. Njengoba sithathe iSodoma futhi ngakhombisa ukuthi leyoNgelosi ifika kanjani kuAbrahama, izibonakaliso Eyazenzayo ngaphambi nje kokwehla komlilo, siyakubona lokho.

174 Yathi, "Emihleni kaLoti, bakha, bathengisa." Awukubheke namhlanje. "Futhi njengemihla kaNowa," abesifazane beba ngababukekayo, amadodana kaNkulunkulu ewa, inyama yomuntu ikhonzwa esimweni sabesifazane, nazozonke lezizinto ezenzekayo, esikhulume ngazo kulobubusuku. Ilambu liyabanibanika, uKuza kweNkosi sekufikile. Ngabe usalokhu ulilunga lebandla na?

Ngabe uqinisekile, mngane wami na? Wazi ngani noma uzophila bonke ubusuku na? Buka uMfowethu Way omi lapha namhlanje ekuseni, esikhashaneni, ephendukela ngapha nangapha nje ukuba axhawulane nomunye, washayeka phansi wafa khona emgudwini wakhe. UNkulunkulu angahle angabi nobubele kangako kuwe ukuba akunike elinye ithuba. Awazi ukuthi yimuphi umzuzu ukuba leyonhliziyo ishaye okokugcina. Cabanga ngakho.

175 UKuza kukaKristu kubanibanika izibonakaliso zakho. Zibuke. Ubone ukuthi engikutshele khona kulobubusuku . . . Kungahle kungathandwa ngabantu kangako, kodwa kuliQiniso. Kuyilokho okwakushiwo nguNkulunkulu, futhi nakhu lapho sikhona.

176 Abesifazane abafuni ukuhlala ekhaya. Abafuni ukunakelela imindeni yabo. Bavele baqashe isisebenzi esibheka ingane ngakusihlwa bese bephuma baye ephathini ndawo ndawo. Izingane ezingamahlongandlebe, yonke into iyenzeka; bephungula izinwele zabo, begqoka izikhindi, bependa ubuso. Ukwanda kuya ngokubukeka ngokubukeka. Indoda, amadodana kaNkulunkulu, ayawa. Kulugibe lokusetshenziswa uSathane, amadodana kaNkulunkulu ukuba awele kulokho. Nje njengoba uJesu asho, kuzokwenzeka. Wathi kuyobakhona, futhi nakhu. Wathi, "Nxa sezifezeka lezizinto, lesisizukulwane asiyikudlula," futhi lokho ngamashumi amane eminyaka, "kuze kugcwaliseke konke lokhu." Cabanga ngakho.

177 Ngabe usalokho ulilunga lebandla na? Ngabe wenze okungesikho na? Bheka uphinde uhlolisise impilo yakho, kulobubusuku, madoda, besifazane. Zibheke wena, bheka amaphutha akho qho. Ini, esimweni sakho esikhona manje, ukuba uKristu ubesemhlabeni eshumayela lokhu? Uthi "Ukuba—ukuba Ubengakwenza, ukuba bengiMzwile eshumayela lokho, bengi—bengingaphenduka." Ukuba ubungakwenza, yiZwi laKhe uQobo lwalo Leli kulobubusuku, uzokwenza manje. Uma ungenaye uNkulunkulu, futhi wayazi . . .

178 "O," uthi, "ngingowebandla. Ngikhulume ngezilimi. A—angi . . ." Manje sikubeka eceleni lokho. Zibheke wena, hlola impilo yakho manje neZwi likaNkulunkulu. Ngabe uyilowomuntu ukuba usuke uhambe bese uthi, "Angikhathali ukuthi iBhayibheli lithini. Mfowethu Branham, ngicabanga ukuthi unephutha"? Akusimina enginephutha. Uma kukhona noma yini okuliphutha ngakho, KuyiZwi.

Futhi awukamazi uNkulunkulu namanje, futhi awunasiqiniseko ukuthi uma uJesu engafika kulelihora ukuthi uyokulungela ukuhamba. Yini ulokhu umanaza, lapho ubona ukufa ukuthi kusondele kakhulu, lapho ubona ukuphela ukuthi sekusondele kakhulu na?

179 Uma ekhona lapha, amakhanda enu ekhotheme manje, ongafuna ukukhunjulwa emkhulekweni sisavala, ungasiphakamisa nje isandla sakho bese uthi, "Mfowethu, ngikhulekele." UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, dadewethu. O, phezu kwendlu nje.

180 Nakho-ke, asivele sithathe uhlu oluncane oluqukethe amagama namanani empahla manje. Nina bodadewethu manje, nakho konke ukukholwa okulungileyo nethemba, cabanga ngalokhu nje. "Ngabe ngempela ngimlalelile uNkulunkulu na? Ngempela, siphi isifiso sami na? Mfowethu Branham, ngi—ngi—ngi—ngisazenza lezizinto. Ngi—ngizizwa ngikahle. Ngizizwa ngijabule."

Uyazi yini ukuthi abahedeni bazizwa bejabule nabo futhi na? Uyazi, indoda edakiwe ijabule nayo futhi, ingaphansi kophuzo, njengawe, amandla ophuzo na? Futhi uma ujabule uphansi kwanoma yikuphi okuphambene neZwi likaNkulunkulu, ngudeveli. Uma uthi, "Ngenelisekile ebandleni lami," futhi uzwa iZwi likaNkulunkulu lishunyayelwa, futhi ungeke wavumelana naLo, uphefumulelwe yinto eyiphutha, akunandaba ukuthi ukuphefumulelwa kwakho kuyini. Ngibabonile bedazuluka, futhi begxuma futhi bempongoloza, na—nakho konke, futhi baphuze igazi elisogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi babize udeveli, kunjalo, ujabule ngamandla akho onke. Ubuhedeni buveza eningi impela injulamqondo njenganoma yini nje enye, injulamqondo yengqondo. Kodwa ukuqiniseka ngoKristu kungokwenhliziyo, okuguqula sonke isimo, kuguqule umuntu abe yisidalwa esisha. Cabanga ngakho, kanzima impela.

181 Zibheke wena. Ake ucabange ngesibuko siphambi kwakho, uzibuka wena. "Ngabe ngethembekile nje? Ngabe ngiqotho nje? Ngabe mina ngempela, enhliziyweni yami, ngabe ngiyayikhonza iNkosi na?"

182 Uthi, "NgiyaLikhonza." Futhi bhekani phakathi, nina besifazane nezinwele eziphunguliwe, nigqoka izikhindi. Zibheke wena owenza lezizinto. Zibheke wena silisa enivumela

omkenu bakwenze; uthi, "Ngabe ngiyindodana kaNkulunkulu na? Ngabe ngingumSodoma na?" Nina besifazane nithi, "Ngabe ngempela ngingowesifazane wesimanje manje, kumbe ngiyinto ethize yangaphambi kokubhubha komhlaba ngamanzi uJesu athi iyoba lapha ngemihla yokugcina futhi na?" Kucabangisise. Zibheke wena.

183 Niyabo, ubuwena uqobo buveza lokho oyikho. Futhi uma ungalungile, ungethembeka ngokwanele ukuba uvele u. . . Thembeka manje, phakamisa isandla sakho, uthi, "Kristu, angibambi isandla sami kuMfowethu Branham kumbe kunoma yimuphi omunye umuntu kepha kuWe, kodwa nginephutha. Ngithethelele. UMfowethu Branham wethembise ukungikhulekela, manje ngizophakamisa isandla sami, ngithi, 'Jesu, yiba nomusa kimi kulobubusuku. Ngisindise ngenxa kaKristu. Angifuni ukulahleka. Konke lokhu ukuphila Ongiphe khona, kungaba yinto embi kabi uma ngi—uma ngivele ngikulahle, nxa nginalelithuba elihle kakhulu kulobubusuku ukubona ngempela ngamehlo ami ngqo ukuthi amalambu abomvu abanibanika macala onke; uKuza kweNkosi, isethembiso ukuthi Iyozikhombisa lezizibonakaliso, futhi Iyophulukisa abagulayo, Iyovusa abafileyo, Iyokhipha amadimoni; kuyobakhona isigejana—isigejana, abantu abambalwa nje, ingcosana nje ngesibalo izwe eliyohlekisa ngabo, futhi bebathuka, nokunjalo, kanjalo.'"

184 Futhi bafanele basithuke. Bafanele bathuke iQiniso. UJesu wathi, "Yilowo nalowo okhuluma izwi elimelene neNdodana yomuntu, liyakuthethelelwa, nxa Yenza yona into efana nalena eniyibona yenziwa." Wathi, "Kepha yilowo nalowo oyokhuluma amelane noMoya oNgcwele, nxa Uzela ukuzokwenza into efanayo, akasoze athethelelwe kulelizwe." Niyabo, bafanele bakwenze lokho. Kuzofanele kubekhona uMlayezo onjalo, ukwenza abantu bahlekise ngaWo, ukukhombisa ukulunga kukaNkulunkulu ukulahla izwe lonke jikelele futhi alibhubhise.

185 Ngenkathi kusekhona umusa futhi othize emi esikhaleni, uJesu Kristu, nomnyango ovuliwe kulobubusuku, ungeMamukele, mngane wami na?

186 Manje, ngokujwayelekile, kungukuza e altare. Lokho kulungile. Angimelene ngalutho nakho. Kodwa umBhalo, Wathi, "Abaningi abakholwayo wabhaphathizwa." Ngokuvela kuyo yonke inhliziyo yakho, uma uzonikela ngokuphila kwakho kuJesu Kristu khona lapho ohlezi khona, khona lapho Akhulume khona nawe ngenkathi uphakamisa isandla sakho!

187 LowoNkulunkulu ofanayo okwaze ukubiza lendoda ibuye iphile, ilele isifile phambi kwami impela namhlanje ekuseni, ukuqinisa kini ukuthi nginitshela iQiniso. Ubani ongavusa abafileyo ngaphandle kukaNkulunkulu na? Kunjalo. Ngakho akusuye umfundisi wakho—wakho othe ukwephuka kancane

lapha, nguKristu okuthandayo. Futhi Uyagcizelela kuwe kulobubusuku, "Senilizwile iQiniso. Senilibonile iQiniso. Livela eZwini laMi. Nilibonile iZwi laMi liphendula. Niyalibona iZwi laMi libikezela lezizinto. Niyakubona kwenzeka ncamashi kuyoyonke leminyaka, ngaphandle ngisho kokukodwa ukwehluleka."

188 Manje uzokwenzenjani ngoJesu, ngenkathi ilambu elibomvu libanibanika na? Awenzi ngani lokhu, ulahle phansi lelosaka elidala lamakinati ezwe! Awulilahli ngani phansi lelophephabhuku elidala i*True Story*, nalezozinto ezindala—ezindala ezingasenamsebenzi odonsa ngazo umphefumulo wakho nsuku zonke! Awuyihlohlolozi ngani leyotelevishini ekhoneni bese uyifulathelisa, uma ikuvimbela ukuba uye enkonzweni! Awulahli ngani konke okusindayo okukuthandela kangaka! Awuyiphakamiseli ngani inhliziyo yakho kuKristu, bese uthi, "Kristu, kulobubusuku ngiphelile. Ngiyalungiselela. Ngiyabona ukuthi Uyeza. Ngiqukula isutkesi, iBhayibheli likaNkulunkulu, elilayishwe ukuPhila okuPhakade, futhi kusukela emva kwalokhu kuye phambili, ngizophila ngaLokhu!" Ungekwenze, sisakhuleka na?

189 Baba wethu waseZulwini, kungesikho ukusho ukwedelela, nakancane, Nkosi. Kodwa uMlayezo ukhombe esikhathini, hhayi kubantu ngabodwana, hhayi kumuntu-mumbe, kodwa ukhombe esikhathini. Kuyisikhathi lapho uMoya oNgcwele ubonakale ungicindezela ukuba ngiqophe lokhu. Njengasemva kweziningi, izikhathi eziningi kuyoyonke lepulpiti, esikhombise ngazo izinsuku zikaLoti, izinsuku zaseSodoma, izinsuku uJesu akhuluma ngazo, izibonakaliso zesikhathi, ukuza kweNkosi, ngezindlela eziningi. Bese-ke emva kwakho konke lokho ukuthi ngikhulume kanzima kakhulu ngokumelana nabesifazane balolusuku izwe lonke, ngakho, Baba, ngicabange ukuthi bekuzoba nguMoya oNgcwele ukhuluma kimi ukuthi ngitshele abantu ukuthi kungani ngenze lokhu. Yingoba iZwi laKho eliphefumulelwe lihlolisise kakhulu enhliziyweni yami, ngaze angabe ngisakwazi ukuzibamba.

190 Izandla ezithi azisondele emashumini amahlanu kumbe amashumi ayisikhombisa-nanhlanu endlini ziphakamile, Baba, phezu kwelinesankahlu, elisikayo iZwi leNkosi. Kodwa Libalethele ekwethukeni, ukubazisa ukuthi impempe iyakhala; abangcwele bonke babuthana ndawonye; izizwe zidabuka ziba yizicucu; izibonakaliso zoKuza; amalambu abomvu ayabanibanika. Futhi siyabona, ngomnyakazo, ukhombe kwabesifazane bakithi kulobubusuku balolusuku, ukuthi indlela iBhayibheli elasho ngayo ukuthi bayoba njani, futhi nampa.

191 IPhimbo elingenakuphosisa likaJesu Kristu lasexwayisa ukuba siqaphele imihla kaNowa futhi sikuqhathanise nosuku esiphila kulo. Futhi-ke uma sizibonile lezozinto zenzeka,

abesifazane beba ngababukekayo, namadodana kaNkulunkulu ebathatha, nokuthi ziyoba-njani lezizinto, khona-ke siyazi ukuthi lesosizukulwane siyokubona uKuza kweNkosi. Bese, siyalazi ilambu elibanibanikayo, ukuza kwaYo sekuseduze.

192 Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzobusisa lowo nalowo kwabaphakamise isandla sabo. Ngi—nginikela nje lona othobile, umkhuleko oqotho, futhi ngiyazi Uzongizwa. Ube nomusa kakhulu kuMfowethu Way namhlanje ekuseni, ukuvumela umkhuleko omncane othobileyo uqale lokhokushaya kwenhliziyo futhi, uthando oluqotho lomfowethu owele ethangeni lomkakhe, ebanda futhi esesimweni sokufa. Nkosi, abantu mabazi kulobubusuku ukuthi ngokufela esonweni nasemacaleni kuyingozi kakhulu kabi kunokufa ukufa kwenyama; ngokuba akukho-muntu ongakubamba ngalesosikhathi, uma wedlula ngale kweveyili, esonweni nasemacaleni.

Siphe kulobubusuku, Nkosi, ukuthi, yonke imiphefumulo ephakamise izandla zayo; nginikela lomkhuleko eGameni leNkosi uJesu; ukuthi kuzobakhona okukhulu ukuphenduka okuza empilweni yabo, ukuthi kuzobakhona enkulu inhloso enhliziyweni yabo, leyonhloso enhliziyweni yabo ukuthi ngeke besona bamelane noNkulunkulu; ukuthi bazoma, kusukela kulelihora kuqhubeke, phezu kweliPhakade likaNkulunkulu, iZwi elibusisiweyo futhi bondliwe nguMoya oNgcwele waKhe, futhi baholelwe ezindleleni zokuPhila, usuku ngosuku, lapho behamba beqhubeka kusukela kulelihora, emva kwalokhu.

193 Manje, Baba waseZulwini, ngingahle ngingaphinde ngibabone, ngingahle ngingaphinde ngikwazi ukubaxhawula isandla sabo senyama lapha kulomhlaba, nakuba bengingathanda ukukwenza. Kodwa, Nkosi Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi lomkhuleko uzophendulwa. Futhi Wathi eZwini laKho, "Oyozwa iZwi laMi, futhi oyokholwa NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade; akayi ekwaHlulelweni, kepha usephumile ekufeni wangena ekuPhileni." Ngendlela yami yokuzithoba yokwethula iQiniso likaNkulunkulu, kulobubusuku, abaningi balizwile iZwi. Manje, Wethembisa ukuthi Uyobasindisa, futhi aba "yikubhubha," ukuthi, akekho ongabahlwitha esandleni saKho, ukuthi Uyobavusa ngemihla yokuphela, akukho nolulodwa unwele lwekhanda lwabo olungabhubha. Wakwethembisa.

194 Manje, njengomkhuleko, njengenceku, Nkosi, futhi njengomfowabo kubo, ngi—ngikhuleka lomkhuleko futhi ngibabeka ezandleni zikaNkulunkulu, ukuthi akukho neyodwa ingozi eyoke ikwazi ukuza kubo, noSathane angeke abahlwithe esandleni sikaNkulunkulu. BangabaKho, imiklomelo. Futhi ngethemba ukuthi Uzobapha ukuphila okude, futhi uma kunokwenzeka, mabakubone uKuza kweNkosi uJesu. Sengathi bangathi besuka lapha kulobubusuku, futhi babe ngabazuza

imiphefumulo, ukutshela abanye, ekwazini okusindisayo kukaKristu. Siphe khona. Kusezandleni zaKho konke, Baba. EGameni likaJesu Kristu.

195 Futhi ngenkathi sisakhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje. Angazi uma ekhona impela umuntu okhona manje, ozwayo ukuthi ngenkathi sisesemkhulekweni ukuthi—ukuthi okuthize okungavamile kwenzeke enhliziyweni yakho, futhi uzwa ukuthi kusukela manje kuqhubeke ukuthi uzophila impilo ehlukaniselwe uKristu, futhi uyakubona uKuza kweNkosi sekufikile, ukholwa ukuthi engikushumayelile bekuliQiniso, ngalobububanibani belambu elibomvu, lendlela izinto eziyizo. Futhi—futhi uyaqonda ukuthi yiZwi leNkosi, ngoba nguKristu, futhi ukholwa, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, uzophila engcono, impilo esondele kakhudlwana kuKristu, ngoba umkhuleko owukhuleke kulobubusuku nokuvuma okwenzile. Futhi nekhanda lakho likhotheme, vele nje uphakamise isandla sakho, uthi, "Ngiyakukholwa. Kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ngizophila impilo ehlukile." UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Lokho kuyamangalisa nje. Ngikholelwa ekutheni ngempela wonke umuntu, mhlawumbe, abaphakamise isandla sabo esikhashaneni esedlule, baphakamise izandla zabo emuva ukuthi bakwemukele.

196 Manje uma ungakaze ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zakho, khumbula, "Alikho elinye igama phansi kweZulu elinikiwe emntwini ofanele usindiswe ngalo, kepha yiGama likaJesu Kristu." Khumbula, munye kuphela uMlobokazi, uMlobokazi kaKristu, futhi ophatha iGama laKhe.

197 Manje, futhi uma ungakaze ubhaphathizwe ngokucwiliswa emanzini, eGameni likaJesu Kristu, ake ngithi njengenceku yaKhe. . .Uma uNkulunkulu efakazisile kini ngezibonakaliso nezimangaliso, nangeZwi laKhe, ukuthi ngikhuluma iQiniso; ngiyaniyala njengoba uPawulu oNgcwele enza, eZenzweni 19, owafumana isigejane samaBaptisti. Babekade bebhaphathizwe nguJohane umBhaphathizi. Wathi, "Namamukela yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?"

Bathi, "Sazi. . .nakuba ukhona uMoya oNgcwele."

Wathi, "Pho nabhaphathizelwa kukuphi na?"

Bathi, "Sesibhaphathiziwe vele, nguJohane umBhaphathizi, phandle eJordani, yona leyondoda eyabhaphathiza uJesu Kristu."

198 Lokho kungaba ngumbhaphathizo omangalisayo, kodwa uPawulu wathi, "Awusalungile manje." Wabayala ukuba baphinde futhi babhaphathizwe, eGameni likaJesu Kristu, iZenzo 19:5.

Futhi uPawulu wathi, "Uma iNgelosi yehla ivela eZulwini futhi ishumayela ivangeli eliphambene naLeli engilishumayelile, mayibe ngeqalekisiweyo," kwabaseGalathiya 1:8. Wayesebuye ekuphinda futhi, wathi, "Njengoba sengishilo, ngisaphinda nakalokhu. 'Noma iNgelosi,'" kungasaphathwa umfundisi, umbhishobhi, uphapha, kumbe noma kungaba yini, "uma iNgelosi yehla ivela eZulwini, i—iKherubi elivela emaZulwini, futhi lashumayela elinye ivangeli kunaLelo, aliqalekiswe."

Ngakho, ngiyaniyala, uma ningakaze nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, ngenkathi amanzi esesechibini, nezingubo zilindile, woza ubhaphathizwe, "Ubize iGama leNkosi, khona uyokwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele; ngokuba isethembiso ngesenu nesabantwana benu, nesabo bonke abakude, iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

199 Baba wethu waseZulwini, manje kukuWe. Ukuncenga umuntu, ngiyazama; kodwa ukwenza umuntu, angikwazi. Futhi aWulokothi usebenze ngokumelana nentando yomuntu; ngoba, uma owesilisa noma owesifazane emiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade, lapho iLambu likaNkulunkulu libanibanika phezu kwaleyombewu, izophumela ekuPhileni. Futhi uma kukhona ukuPhila phakathi kwethu kulobubusuku, Baba, ukuthi Ubanibanikisile iLambu laKho ngaphezulu, futhi balibonile iQiniso, sengathi bangahamba ngokuzithoba nakamnandi baye echibini, ukuba babhaphathizwe eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, uJesu Kristu.

200 Okungukuthi, siyazi ukuthi wonke umuntu emBhalweni wayemele abhaphathizwe, futhi aphinde abhaphathizwe. Labo ababengabhaphathiziwe eGameni likaJesu Kristu, babemele baphinde babhaphathizwe. Nomphostoli omkhulu, owayenezihluthulelo kuwo uMbuso, wathi ngoSuku lwePentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, ukuze izono zenu zithethelelwe, khona-ke isethembiso sikaMoya oNgcwele ngesenu." Siphe ukuba kwenziwe kulobubusuku, esilinganisweni esigcwele, Baba.

201 Ngibanikela kuWe manje. "Thatha lamazwi ambalwa nokuzindla kwenhliziyo yami, futhi sengathi kungemukeleka ebusweni baKho, O Nkosi." Futhi ugxile phezu kwabantwana baKho, futhi ubaphe ukuPhila okuPhakade. Sindisa bonke labo abasindisekayo, futhi uphulukise labo abagulayo. Sengathi umusa kaNkulunkulu ungaphumula phezu kwalowo nalowo wabo, njengoba sibanikela kuWe manje, eGameni likaJesu.

202 Manje amakhanda ethu ekhotheme, ngizocela udadewethu odlala upiyano ukuba eze lapha. Umzuzwana nje, eminye nje imizuzu ethi ayibe mihlanu. Futhi uma ekhona ofisa ukubhaphathizwa manje, osekwenzile ukuvuma futhi wakholwa. Uma ukholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana

kaNkulunkulu, futhi ukukholwa ngenhliziyo yakho yonke, kungabi nje—nje wusikisiki lomzimba, kodwa uyakholwa, futhi usulungele ukuvuma ukuthi usephutheni; futhi awumile phezu kokuzitusa kwakho, kodwa phezu kwalokho Akwenzile; futhi usulungele ukuhamba ubheke phambili, ukuthatha iGama laKhe embhaphathizweni wamanzi, ube lilunga loMzimba ngoMoya oNgcwele; bese, ikamelo labesifazane lingakwesokudla sami, nekamelo lesilisa lingakwesokunxele sami, nezingubo nezinto sezilungile.

203 Ngenkathi sisakhothamisa amakhanda ethu, njengoba udade wethu edlala, "Ngizwa uMsindisi wami engibiza," uma ohola amaculo engasinika izwana lalelo. Amakhanda ethu ekhotheme manje, inkonzo isesandleni sikaNkulunkulu uSomandla manje; kunoma ubani ofisa ukubhaphathizwa; ofisa ukuya emakamelweni okukhuleka ukukhulekela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, bakhona abafundisayo lapha bazobe sebelungele ukufundisa kumbe benze noma yini. Sengathi amaZwi angewele ezeni, kodwa sengathi angakufeza lokho elihloselwe khona. Amakhanda ethu ekhotheme, singakhuleka manje. Futhi, nalapho Ekuholela khona, landela.

Ngiz'owami . . . (Manje khuleka, wonke oyisoni.)
Ngiz'uMsindis' wam' . . . (UbungaMuzwa ebiza, ngenkathi evusa indoda efile namhlanje ekuseni?)
Ngiz' . . . (UbungaMuzwa ebiza, ngenkathi uzwa iZwi libanibanikisa iLambu laLo esikhathini sokugcina?)
Ngohamba naYe, naYe . . . (Uyavuma ukuhamba yonke indlela?)

La E . . . (UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Abesilisa ngakwesokunxele. Abesifazane ngakwesokudla.) Ngi . . .
La Engiholela khona ngolandela,
La Eholela khona . . . (IBhayibheli lathi, "Abaningi abakholwayo babhaphathizwa.") . . . landela,
Ngohamba naYe, naYe yonk'indlel'.

Ngohamba naYe ensimini,
Ngohamba naYe ensimini, (UMoya oNgcwele . . . ? . . .)
Ngohamba naYe e . . .

Uma omunye engahamba nabesifazane beze ngapha, abafuna uMoya oNgcwele, hambani ningene ekamelweni ngakwesokudla, abanye benu bodade enifundiswe yiNkosi.

. . . yonk'indlel'.
La Eholela khona . . .

Ungakusho ngokwethembeka lokho, "La Engiholela khona ngolandela"? Uzokwenza na? Uthini ngePhimbo elincane elikhuluma nawe, uzo—uzoya la Ekuholela khona? Qaphela ilambu elibomvu. Niyalibona ilambu libanibanika na? Sisesikhathini sokugcina.

La Engiholela khona ngolandela,
Ngohamba naYe, naYe yonk'indlel'.

Ngiz'uMsindis' wam' . . .

Ukhuluma kanjani na? NgeZwi laKhe, enhliziyweni yakho. Uzoza manje na? Yisimemo sakho lesi. Khumbula, uma kwenzeka ngaphambi kokuba sihlangane ndawonye futhi, senexwayisiwe.

. . . z'uMsindis' wam' engibiza,
"Thatha isiphambano sakho, ulandele, uNgilandele."

La E . . .

Manje bangahle abanye babazalwane, mayelana nezifundiso, bangene ekamelweni lapha ngakwesokunxele sami, nabazalwane abalungela umbhaphathizo. "La Eholela khona . . ." Abanye babafowethu abangabafundisi lapha, beze basisize, ningene ekamelweni nabo.

. . . landela,
La Engiholela khona . . . (Ukusho ngempela na?) landela,
Ngohamba naYe, naYe yonk'indlel'.

204 Manje, umzuzwana nje. Manje, uma ungakabhaphathizwa emanzini, ngokucwiliswa eGameni leNkosi uJesu Kristu. Kuyiziqu nje kuphela, "uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele," akazange abekhona umuntu kulo lonke iBhayibheli, noyedwa umuntu, owake wabhaphathizwa eBhayibhelini, eGameni lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele," kulesosiqu. Akukhomuntu owake wabhaphathizwa ebandleni, emlandwini, eminyakeni yokuqala engamakhulu amathathu ngakulelicala, wonke umuntu wayebhaphathizwa eGameni leNkosi uJesu Kristu, kwaze kwaba nguMkhandlu waseNayisiya, eNayisiya, eRoma, lapho ibandla eliRoma Katolika lahlelwa khona, baseke esikhundleni bafaka iziqu zika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele."

205 Uma kukhona usomlando, umfundisi, noma yimuphi omunye umuntu, emoyeni, eteyipini, ongaveza umBhalo owodwa kumbe ichashazi elilodwa lomlando, lapho noma ngubani ake abhaphathizwa noma ngayiphi enye indlela kunaseGameni likaJesu Kristu, kwaze kwaba yibandla eliRoma Katolika eNayisiya, eRoma, ubophezekile ukuba uwulethe kimi, ngixolise. Ayikho into enjalo. Qhabo. Futhi wonke umuntu owabhaphathizwa ngokucwiliswa, owayengabhaphathizwanga

eGameni likaJesu Kristu, wayeyalwa, ngaphambi kokuba bangene eNkazimulweni, ukuba babuyele emuva futhi baphinde babhaphathizwe futhi. Manje kukuwe.

206 Akukho-mBhalo eBhayibhelini, lapho khona noma yibaphi abantu wake abhaphathizwa esebenzisa igama lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele," njengoba abantu bebhaphathiza namhlanje. YiKatolika, isivumokholo seRoma Katolika esanikezelwa phansi kuya kuMartin Luther, noJohn Wesley, kwakulokhu kuqhubeke njalo. NeBhayibheli liyabikezela ukuthi kuyoba ngaleyondlela, futhi kufike ekugcineni ngezinsuku zokugcina, nomnyango uyovulwa, njengoba sisanda kwedlula eminyakeni yebandla ukukubona.

207 Kukuwe. Ngiyisithunywa nje soMlayezo. Ngisaphinda futhi, asiwukholwe. Iminyango ivuliwe. Ichibi lokubhaphathizela ligcwele, futhi akukho sizathu . . . Kukhona izingubo zilungele, futhi sizolungela ukubhaphathiza emizuzwini embalwa elandelayo.

208 Uma ulapha futhi ungakaze ubhaphathizwe, ake siphinde sicule futhi, futhi woza, ungeze na? Gcwalisa . . .

209 Uthi, "Ngizimisele ukukwenza lokho ngelinye ilanga, Mfowethu Branham." Lelo elinye ilanga lingahlangabezana nawe njengoba lenze kuMfowethu Way namhlanje ekuseni, kodwa mhlawumbe kungabi umusa olandelayo, njengoba kwenzile. Ungahle uhambe noma ngamuphi umzuzu. Noma ngabe usemusha, uma uphila ubusuku bonke, uzo . . . Futhi uma uneminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala, uzohlala isikhathi eside kunabaningi abaneshumi leminyaka ubudala, neshumi nesihlanu-, abantu abanamashumi amathathu eminyaka ubudala. Izinkulungwane zabo ziyofa ngobusuku. Kunjalo. Awazi ukuthi uzohamba nini.

210 Qiniseka. Ungathathi ithuba kulokho. Nje khumbula, ungalithatha ithuba emsebenzini wakho, kumbe uthathe ithuba *kulokhu*. Kodwa ungalithathi ithuba kuLokho. Khumbula, iphimbo lami liyoba ngufakazi eteyipini enozibuthe kaNkulunkulu ngoSuku lokwaHlulelwa, limelane nakho.

211 Kodwa manje kucabange, njengoba sicula futhi namakhanda ethu ekhotheme. "La E . . . " Mfowethu Neville. " . . . Ngolandela."

*ILambu EliBomvu EliBanibanikayo LesiBonakaliso SoKuza KwaKhe* ZUL63-0623E
(The Flashing Red Light Of The Sign Of His Coming)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngo Juni 23, 1963, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 1994 ngabe:

ZULU

©1994 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

